


UKUBA NESINEKE

 Ngiyabonga. Ningahlala phansi, umzuzwana nje. Ngiyaxolisa ukuba nani nime kanje, kodwa babe nodaba oluphuthumayo njengoba ngingena nje, ngakho ngidingeke ngibambe lokho. I “simo esiphuthumayo” yilapho beza lapha futhi bafanele babuyele emuva. Sizama ukubabamba masinyane, ngoba abakwazi ukuhlala.

Ngiqagele abaningi bebezibuza ukuthi kungani nje singamisi umugqa womkhuleko ukunqamula umsamo. Nginenjongo yokwenza lokho engikwenzayo. (Niyabo?) Ufanele utshale imbewu ngaphambi kokuba uke uze uzame ukuthola isivuno, niyabo.

Futhi manje-ke, khumbula nje, ubambe ikhadi lakho lomkhuleko. Wonke umuntu unekhadi lomkhuleko. Noma ubani ofuna elilodwa angaba nelilodwa. UNkulunkulu ethanda, sizokuhulekela ngaphambi kokuba sishiye leli dolobha. Uma kuthatha amaviki amabili ukukwenza phakathi, sizo—sizokwenza. Ngakho manje khumbula nje, futhi ubambe ikhadi lakho lomkhuleko, ungenise omakhelwane bakho noma yini egulayo, futhi ubavumele bathole ikhadi lomkhuleko, ukuze bakhulekelwe.

Kodwa nginenjongo ekwenzeni lokhu: Okokuqala, ukwakha ukholo nokuhlwanyela imbewu. Bese kuthi-ke, emva kokuba usuqonda, uma ufika emgqeni womkhuleko, uzokwazi ukuthi uzela ini. Ngibone okuningi okwalokho kwenziwa ezinsukwini zami zokuhulekela abagulayo kuleminyaka eyishumi nanhlanu edlule, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili: abantu begijimela ngqo emsamo, ne, kusukela kwi... ekubhekaneni nokuhlinzwa okuphuthumayo, uthi, “Ngizizwa ngingcono, kodwa...” Bese kuthi-ke ezinsukwini ezithi azibe mbili emva kwalokho bathi, “Ngizo...Ngiqagele kungcono...” Futhi bayohlinza futhi a—a—akukho ngisho lapho, niyabo, sekuhambile. Futhi a—abakuqondi, futhi abazi ukuthi kumele babe no—nomnyakazo kukho. Futhi—futhi bona nje, abaqondi.

Imihlangano yami ibishesha kakhulu, vele ngigijimele ngingene futhi ngiphume edolobheni. Ngolunye lwalezi zinsuku, uma uNkulunkulu ethanda futhi uJesu elibala, ngifuna ukuza edolobheni futhi ngihlale isikhathi eside ngokwanele ngize ngivumele abantu babone ukuthi sizama ukwenzani: uMlayezo kaNkulunkulu kubantu. Ngibafundise imini, ekuseni, ntambama, kusihlwa. Futhi ngiqhubeka nje.

Ngezinye izikhathi lapho lezi, sithola wonke umuntu (lapho bengenazimvuselelo emadolobheni azungezile), futhi wonke umfundisi, ukuze athathe abaphendukile kubantu...

emabandleni. Niyabo, anginabandla, akukho...Ngimele wonke nje, futhi ngizame ukuthumela amalunga e, nomaphi lapho befuna ukuya khona, lokho kukubo. Into esemqoka: Ngabe bazalwe kabusha na? Ngabe bayamazi uJesu Kristu njengoMsindisi na? Khona-ke ngumgcini wendlu ukumthatha kusukela lapho kuqhubeke, niyabo. UNkulunkulu uzomnika igunya lokumthatha ngendlela okufanele ahambe ngayo. Futhi kungumsebenzi wami nje ukuba ngibakhombe kuKristu, ngikhulekele abagulayo, ngibathele ngamafutha bese ngibawelisela kumgcini wendlu. Ngakho-ke, banakekela konke okunye kwakho.

Manje, kubonakala sengathi izixuku zethu zikhule ngokuhamba kancane kakhulu. Ngiyazibuza nje ukuthi ngabe yi...Ngiyakhumbula isikhathi sokugcina lapha eKansas, asikwazanga ngisho nokuthola indawo enkulu ngokwanele ukubafaka. Ngakho ngiyamangala nje: Nga—ngabe yisikhathi ukuthi izimvuselelo, siza ngesikhathi esingafanele na? Noma, yini, kwenzekani na? Noma, ngabe abantu baye basuka othandweni noKristu na? Noma, ngabe, balahlekelwe ithemba kimi na? Noma, ngiyamangala ukuthi kuyini na? Ngiyazi ukuthi nginobambiswano oluningi, ngoba ngibona o—o—o—okumisiwe nabelusi beAssemblies, neChurch of God, namabandla ahlukene. Futhi ba... Okuthile akuhambanga kahle.

Kusasa ebusuku, iNkosi ithanda, ngizo...ngiyathanda ukugcina uMlayezo nje ngendlela encane ukuze wonke umuntu anga—angaqonda, ngisho i...labo abangahle bangaqondi. Bese kuthi-ke kusasa ebusuku ngifuna ukuba, okungenasilinganiso, uhlobo lwenkonzo yokuvangela, ngoMgqibelo ebusuku.

Kusasa ekuseni yiFull Gospel Business Men. Futhi ngicabanga ukuthi kukhona iqembu labo behlezi lapha. Ngukudla kwabo kwasekuseni. Ngibakhulumela emhlabeni wonke. Futhi ngokusobala, ngiphatha ikhadi elilodwa ephaketheni lami, futhi leyo yiFull Gospel Business Men. Bangamahlelo ahlukene. Yingakho ngingaba nekhadi labo, kungenxa yokuthi angikwazi nje ukuthi, “Ngingowe-Assemblies”; “Ngingowe United”; “Ngingowe Church of God”; noma... Niyabo, lokho kuphonsa konke ukuthonya okuncane enginakho, enhlanganweni eyodwa.

Ngikholelwa ukuthi abantwana bakaNkulunkulu bahlakazeke yonke indawo. Ba—banxazonke. Futhi ngenkathi ngiqala ukuza ngapha (kusobala, niyazi ukuthi ngangungumBaptisti), futhi lapho ngifika ngapha phakathi kwamaPentecostal, abantu beFull Gospel, bejabulela isehlakalo sokuzalwa ngokusha, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, nokunye nokunye, ngacabanga, “Yilokho okwabenza baba iPentekoste.” Ngangingazi ukuthi kwakugcwele a—amahlelo amancane angawabo, kodwa baningi ngangamaBaptisti, ngakho...(Nina maBaptisti niyaqonda ukuthi kukhona

amaBaptisti asekuqaleni, entando ekhululekile, igobolondo, lonke olunye uhlobo oluhlukile.) Ngakho ngiza ngapha. Ngacabanga, “Nje, i‘Pentekoste’ kusho into eyodwa.” NgisaLikholwa. Asikwazi ukuhlela iPentekoste. Alisiyo inhlngano, yisehlakalo. Niyabo? Kulungile.

Ngakho, sinokuhlanganyela okuncane, amaqembu, nokunye nokunye. Akufanele sehlukane komunye nomunye, kepha, indlela aba...izidalwa ezingabantu nje, ngiyacabanga... ngikhulume nabaholi abaningi nokunye nokunye. Angicabangi ukuthi kuphakathi kwabaholi, ngicabanga ukuthi nje, umuntu-mumbe uyangena, uxova okuthile. Lokho kuhle njengoba uSathane efuna ukukwenza, niyabo. Inqobo nje uma nisadubulana, anidubuli yena. Uma nje siphendulela ubuso bethu cishe, futhi siya komdubula, iBandla elikhulu likaNkulunkulu ophilayo lizofika emibaleni yaLo; uKristu uyofika. Ngiyakukholwa lokho. Usilindele ukuba sikwenze. Futhi ngizame konke okusemandleni ami, ngaleminyaka eyishumi nesishiyagalombili enkundleni, ukuzama uku—ukuhlanganisa lokho, ukubona zonke izinhliziyzo zibumbene njengeyodwa, onke amatende egxunyekwe ngaleya komncele.

Njengoba uMfowethu Grant washo, kungekudala, ngale eTexas (nganginenkonzo naye.), futhi wathi, “Mfowethu Branham, ngi—ngiyawuthanda lowombono.” Wathi, “Uyazi, kungikhumbuza umfo o...omakhelwane abathile, bonke bazitholela amadada, futhi—futhi ngamunye wawabeka exhaphozini elincane ngemuva kweyadi, wase ewabiyela.” Wathi, “Awu uyazi, kwadingeka line futhi line,” (Niyazi ukuthi uMfowethu Grant ukhuluma kanjani ngokunensa.) wathi, “ixhaphozi laliyilokhu liphakama egcekeni ngalinye kuze kube yilapho liphakame kakhulu ngaphezu kothango,” wayesethi, “amadada aduda yonke indawo.” Ayengasabiyelwe. Ngakho ngicabanga ukuthi uma singakwazi nje ukuvumela igagasi lezibusiso zikaNkulunkulu liphakame futhi liphakame, niyabo, kuze kube yilapho sonke sizohlala echibini elifanayo, noma, echibikazini elifanayo. Empeleni, sonke sinjalo. Yizivumokholo ezincane nezinto ezisehlukanisayo. Kodwa singabantwana bakaNkulunkulu, sonke singaphansi koMndeni-munye: UNkulunkulu.

Indoda yayinensimu yombila ngesinyi’sikhathi. Enye indoda yayinensimu yombila. Umshayeli wendiza-mshini wayendiza ngaphezulu, wathi, “Bukani ummbila walomfo, nommbila walowomfo. Amasimu ommbila amahle kanje.” Lowo mmbila wawulokhu ukhula futhi ukhula kwaze kwaba semva kwesikhashana, wafinyelela ngale kothango, futhi kwenza insimu enkulu yombila. Ngakho ngicabanga ukuthi yilendlela obekufanele kube ngayo. Thina nje. . . Uma sikhula kancanyana. Kodwa inqobo nje uma singakavuthwa, siyobe sisabiyelwe ngaphandle. Kodwa uma sithola ukuvuthwa, akuyikubakhona

umehluko ensimini. Sonke siyoba yinsimu eyodwa enkulu. Nkulunkulu siphe khona, ngalolosuku, ukuthi ngiyokubona ngaphambi kokuhamba.

Manje, khumbulani isidlo sasekuseni ekuseni seBusinessmen sizobanjelwa e . . . Ngabe bekuyiRamada na? Noma, [Umfowethu uthi, "Holiday Inn."—Umhl.] EHoliday Inn. IHoliday Inn. Futhi wonke umuntu uyamenywa. Futhi ngicabanga ukuthi bazoba namathikithi lapho, ngandlela-thize, nakanjani bayakwenza. Nokuthi iFull Gospel Business Men, kinina bosomabhizinisi, lapha, yiqembu elihle labantu. Ngi—ngiyanitshela, ngicabanga ukuthi yonke indoda yeVangeli eligcwele ibifanele ibe phakathi lapho, okwenhlanganyelo. Yiqiniso ngempela. Banezinto ezithile ezinhle. Futhi njengoba ngibatshelele (ngibakhulumela kumazwe ngamazwe), kodwa, noma nini lapho benza ihlelo kulo, beya kodweba uthando, khona-ke ikhadi lami libuyela emuva, e-hhe, angikufuni lokho, ngi . . . kufanele kube ngokukhululekile kuwo wonke umuntu.

Ngakho-ke, niyazi uJakobe wagumba umthombo, namaFilisti a dro- . . . amxosha kuwo, futhi wawubiza ngokuthi "Inzondo." Wagumba omunye umthombo, futhi wawubiza ngokuthi "Umbango." Wabe esegumba umthombo olandelayo, wathi, "Kukhona indawo kithi sonke." Ngakho, siphuza kulowo mthombo manje, lapho kukhona khona igumbi elanele sonke, wonk'umuntu.

Manje, wonke umuntu uzizwa ekahle na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lokho kuhle. Lokho, lokho kuzwakale kahle. Ngiyakuthanda lokho. UAmen, kusho ukuthi "makube njalo." Omunye . . . Ngangishumayela ngesinye isikhathi, kwakunomfana owayengoFirst Baptisti Church ngenkathi ngangiseyiMissionary Baptisti, futhi ngangishumayela. Kwakukhona udade othile ekujabulela ngempela futhi waqala ukukhala futhi ememeza. Futhi wayengumdlali webhola, futhi wahlangana nami emva kwezinsuku ezimbalwa emva kwalokho. Wathi, "Ngiza ukuzokulalela ebusuku bayizolo, Billy, kodwa," wathi, "angikwazanga ukukwenza ngokuba bonke labobantu bethi, 'Amen.'"

Ngathi, "O."

Wayesethi, "Lowo wesifazane ehlezi ngapho ekhala," wathi, "lokho kuvele nje kwangenza ngamubi kakhulu."

Ngathi, "O, bekungafanele kwenze lokho." Ngathi, "A—angicabangi . . ."

Wathi, "Awu, angilicabangi iZulu likanjalo."

Ngathi, "Ngilicabanga kanjalo impela."

Wathi, "Awu, lokho kwenze uhlevane lwaqubuka emhlane wami."

Ngathi, “Uma uke wafika eZulwini, uyoqandela ukufa, uma uzwa lelo qembu elinomsindo phezulu Lapho. E-hhe, e-hhe. Ungu. . . Lena yindawo enokuthula okwedlula konke oyophila kuyo. Ngizokutshela lokho. Ngoba uma uya esihogweni kuyoba khona ukukhala izinyembezi nokugedla kwamazinyo. Uma uya eZulwini, ngani, ngisho neziNgelosi azimi, imini nobusuku, zimemeza, ‘Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla.’ Niyabo? Ngani, abanjalo, o ‘Haleluya!’ no, ‘Amen!’ no, ‘Udumo eNkosini!’: awu, awuzange uzwe okunjalo, uze uzwe lowomhlango phezulu Lapho.”

Ngakho, lena indawo ethule. Futhi ngangesaba njalo nganoma yini ethule. Izwakala ifile. Ngakho-ke, a—angikho kaningi ezintweni ezifile. Ngakho, noma yini engenamizwa ifile. Ucwangingo lwesayense luyokufakazela ukuthi: noma yini engenamizwa. Ngakho uma isehlakalo sakho singenawo umuzwa omncane kuso, kungcono usincwabe bese uthola into ethile enomuzwa kuyo. Kunjalo. Kuyiqiniso impela.

Manje, sonke sithandana naYe, ngiqinisekile. Kodwa kunokuphola okukhulu phakathi kwabantu. Imvuselelo isiphelile. Imililo uyacima. Niyabo, sekuyisikhathi sento ethize ukuba yenzeke. Niyazi, ethempelini elidala lamaRoma, ithempeli laseVesta, ngenkathi imililo icima, wonke umuntu waya ekhaya, ngakho kwakungekho-msebenzi owenziwayo. Ngicabanga ukuthi lokho yi. . . Sengicishe nje ngibe nguQuaker ukuba ngikukholwe lokho, ukuthi ku—ukuthi kufanele kube ngaleyondlela.

² Manje ngicabanga ukuthi, kulobubusuku, bengikweqa njalo ebusuku, kodwa. . . ngi—ngithanda ukuhlonipha leliZwi likaNkulunkulu, ngoba ngicabanga ukuthi liyiZwi likaNkulunkulu, futhi LinguYe. LinguYe esimweni sencwadi ileta. Incwadi ileta qobo lwayo, yiyo, ufanele ube noMoya lapho ukuphilisa incwadi ileta. Ngakho manje okwezinhlonipho kuleliZwi, asime sisaLifunda. UMarku oNgcwele, isahluko 7 futhi siqale ngevesi 24, futhi sifunde sehlele evesini 30, kanye nalo. Wena oneBhayibheli lakho, nokuthi ukuthanda ukuthatha indikimba yesimiso esincane sokutshala mhlawumbe, sembewu embalwa futhi kulobubusuku, ukwakha lokho kukholwa kuze kufike isikhathi.

³ Futhi uma ngizwa ukuthi uMoya unikeze lolovuthwondaba, ngaso lesosikhathi nonke nizobizelwa emsamo. Ninga—ningakhathazeki, kuzoba ngaso lesosikhathi. Kodwa uze lowoMoya ufike kuleyondawo ukuya lapho ozwa khona ukuthi abantu usekutholile!

⁴ Kusizani ukwenyukela lapha, uma nje wenyukela lapha na? Udabula emgqeni kaTommy Hicks, noTommy Osborn, no-Oral Roberts, nasemuva naphambili, emgqeni. Kuqeda amandla kuphela ukukholwa kwakho. Yilokho kuphela.

⁵ Uma niza lapha nesiqiniseko esigcwele ukuthi anihambi phambi komfowenu, kumbe noma ubani omunye, niza lapha ngoba uMoya kaNkulunkulu kini unimeme ukuba nize, kukhona okuzokwenzeka. Akukho okuzokuvimbela kukho. Kuze kube ngalesosikhathi, nisekuhambeni nje, nijikeleza ngqo; umfundisi olandelayo ofika edolobheni, nilokhu nijikeleza; umfundisi olandelayo ofikayo, nilokhu nijikeleza. Lokho akulungile. Akukho lutho kumshumayeli, kanjalo akukho lutho kumyeni wakho noma umfowenu, noma kungahle kube ngubani. Thina singabamele Yena nje, sinitshela iZwi. Abanye babo baneziphiwo ezehlukene, iBhayibheli elikhuluma ngaleziziphiwo. Konke lokhu kwenzelwa ukuba kuqinisekise uBukhona baKhe.

⁶ Manje ukuba bekukade kuyimi, noma wena kimi, uma ungenakuthatha izwi lomunye, ngani, lokho bekungakuzazulula. Kodwa uNkulunkulu, egcwele isihawu, Uthumela iziphiwo nokuqinisa, ukufakazisa, futhi nje ukuze. . . Ubekeza kakhulu, unobubele nomusa kakhulu, ukuthi A—Akafuni-muntu alahleke noma namunye alimale. Ufuna ukuqiniseka ukuthi nonke niyangena. Kulungile.

⁷ Manje ninamaBhayibheli ephenywe esahlukweni 7 sikaMarku oNgcwele, nevesi 24.

Wayesemuka lapho, waya emikhawulweni yaseTire neSidoni, wangena endlini, akangathanda . . . akangathanda ukwaziwa-muntu: kodwa wayengenakufihlakala.

Kwathi masinyane owesifazane, ondodakazi yakhe encane inomoya ongcolileyo, esezwile ngaye, weza waziphosa ngasezinyaweni zakhe:

Futhi owesifazane lo wayengumGreki, engumSirofenike ngokuzalwa; wamnxusa ukuba akhiphe idemoni endodakazini yakhe.

UJesu wayesethi kuye, Ake kusuthiswe, kusuthe abantwana, kuqala: ngokuba akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse . . . zinjaneni.

Kepha waphendula wathi kuye, Yebo, Nkosi: kepha nezinjana zidla imvuthuluka . . . abantwana phansi kwetafula.

Wayesethi kuye, Ngenxa yalelizwi hamba-ke; idemoni seliphumile endodakazini yakho.

Wayesemuka, waya endlini yakhe, wafumana idemoni liphumile, umntwana ulele embhedeni.

⁸ Manje asikhuleke, namakhanda ethu ekhotheme, nezinhliziyo zethu. Angazi noma, sisakhuleka, bangaki phakathi lapha abangathanda ukukhunjulwa emkhulekweni ngenye into ethize ekhethekile, ungasiphakamisa isandla sakho,

mhlawumbe, “Nkosi, makube yimi, kulobubusuku,” niyabo, noma, “nginothandekayo, makube yibo, kulobubusuku.”

⁹ Baba wethu waseZulwini, Wena uyazazi izidingo ngaphambi kokuba ngisho sicele. UJesu wasifundisa ukuthi, “UYihlo uyazi ukuthi yini eniyidingayo ngaphambi kokuba nicele,” kodwa nokho sifanele sicele.

¹⁰ Ngenkathi Ebuka phezu kwesivuno, WayeyiNkosi yesivuno, Wayesethi, “Isivuno sivuthiwe, izisebenzi ziyingcosana; khulekani eNkosini yesivuno, ukuba Ithumele izisebenzi esivunweni saYo,” iza Yona uqobo nomuntu babophane ndawonye kakhulu ngangokuthi Isebenza kuphela ngokusetshenzelwa ngumuntu. Yakhetha umuntu ukuba aYisebenzele. Yayingakhetha ilanga ukuba lishumayele iVangeli, Yayingakhetha imimoya evunguzayo, noma izihlahla, noma izinkanyezi. Kodwa Yakhetha umuntu, yazimboza Yona uqobo ngeveli ngaphakathi, yazifihla Yona uqobo kongakholwayo, izembula Yona uqobo kulowo Ethanda ukuzembula kuye.

¹¹ Nkosi Nkulunkulu, silapha kulobubusuku ngaphandle kwenye inhloso kodwa ukuKubona uzembula Wena uqobo kithi, ngokuthethelela izono esizenzile, futhi—futhi usisiza, futhi ukhuthaza abangcwele endleleni, usindisa izoni, ubiza abahlubukileyo babuyele enhlanganyelweni kaBaba oseZulwini naseBandleni lamaKholwa, iZibulo. Siphe khona, Nkosi.

¹² Uyazi ukuthi yini esemva kwalezozandla ngasinye eziphakamile. Uyazi ukuthi yini ebingaphansi kwaso, phansi kwenhliziyu. Uyazazi isifiso sabo. Nginikela umkhuleko wami esikhundleni sabo, ukuthi Uzopha ngamunye wabo izifiso zabo. Izandla zami besiphakeme, naso, Nkosi. Siphe izicelo zethu.

¹³ Busisa ukufundwa kweZwi laKho. Futhi manje njengoba sithatha indikimba, sikhulekela ukuthi Uzosisombululela indikimba, ukuze siMazi kangcono. Futhi uma sesisuka lapha, kulobubusuku, kwangathi singasho njengalabo abavela e Emawuse, emva kokuba Esevukile kwabafileyo. Futhi babehambe naYe usuku lonke, bakhuluma naYe, kepha nokho babengazi ukuthi WayenguBani. Baningi kulelidolobha, Nkosi, kulobubusuku, akungabazeki okhulume kuWe futhi bahamba naWe, kepha nokho abangazange babuqonde uBukhona baKho.

¹⁴ Kodwa ngalobobusuku, ngenkathi U... ngenkathi beKumema ukuba ungene futhi uhlale nabo, uKleyophase nomngani wakhe, futhi ngenkathi Usuvale umnyango, futhi Wahlala phansi, Wenza into ethize nje ngendlela Owayenza ngayo phambi kokubethelwa kwaKho. Akekho omunye, umuntu owakwenza ngaleyondlela. Wakwenza ngendlela yaKho uQobo, futhi, ngalokho, bazi ukuthi WawunguKristu ovukileyo. Masinya Wanyamalala ebusweni babo. Nenhliziyu ejabulayo negcwele ukujabula, bazijoyina ngokushesha nabo bonke abanye abaphostoli, base bethi, “Impela, Uvukile kwabafileyo.”

¹⁵ Futhi uma sesisuka kulendlu, kulobubusuku, kwangathi singaKubona uza enkundleni futhi wenze izinto ezifanayo oWazenzayo phambi kokubethelwa kwaKho, njengoba Wethembisa ukuthi Uyophinda futhi ngezinsuku zokugcina. Futhi siphe khona, Nkosi, ukuthi uma sesisuka, sizohamba njengabo, sithi, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhulumisana nathi endleleni na?” Ngokuba sikucela eGameni laKhe nangenkazimulo yaKhe. Amen.

Ningahlala phansi.

¹⁶ Ngifisa ukuthatha nje igama elilodwa lendikimba, kulobubusuku, negama engifuna ukulithatha libizwa ngokuthi: *Ukuba nesineke*.

¹⁷ Ningahle nithi, “Mfowethu Branham, lelo yi—lelo yigama elincane kabi kubantu abangamakhulu amathathu noma amane behlezi lapha kulobubusuku,” noma ngabe kukhona amangaki; ngingumahluleli oyisehluleki se—se—sezethameli. Futhi nithi, “Lelo yigama elincane kabi.” Awu, akusibo u—ubungako, kuyi—kuyi—kuyikho ngempela engizokusho ngalo.

¹⁸ Manje, *isineke*, ngokukaWebster, kungu—kungukuba yi. . . yi—yi—yigama, lokuthi, ufanele “ukuba uphikelele,” futhi, kuchaza ukuba nokuphikelela ekuzameni ukwenza umgomo, uzama uku—ukugaxa into, uzama ukwenza okuthile. Unokuba nesineke uma uphikelele.

¹⁹ Manje, onke amaKristu afanele aphikelele. Afanele abe nokuba nesineke. Nendlela kuphela okwazi ngayo u—ukwenza lokhu, ngokuba kuqala ube nokukholwa kulokho ozama ukukwenza. Futhi uma ungenakukholwa, uyakugxumela nje, khona-ke u—u—ungeke, ungeke waba nokuba nesineke. Kodwa uma ngempela wazi ukuthi iQiniso, khona-ke ayikho into ezokumisa, unokuba nesineke ngempela-ke.

²⁰ Nomuntu wayo yonke iminyaka, oke wakwazi ukwenza noma yini, futhi waba nokukholwa kulokho ababezama ukukwenza, babenokuba nesineke.

²¹ Isibonelo nje, njengalokho esikubiza ngobaba wesizwe sakithi, uGeorge Washington. Wayenokuba nesineke ngenkathi, yena, ezama ukuzuza ngempumelelo lokho kunqoba phezu kwabaseBritani, futhi wawela iDelaware eno ayisi. Wayenokuba nesineke. Kwakungekho lutho. . . Amasosha akhe, uhhafu wawo, ayengenazo ngisho nezicathulo ezinyaweni zawo; izinyawo zawo lwalusongwe ngezindwangu. Umoya wawuvunguza. Kodwa wayekhuleke ubusuku bonke, futhi wayenokunqoba enhliziyweni yakhe. Futhi kwakungekho-mabutho aseBritani noma lutho olunye olwaluzommisa, wawungeke ngisho nomfula ono ayisi. Wayekhuleke waqeda, futhi kwakungekho-sithiyi esizommisa. Wayenokuba nesineke, futhi wazuza ngempumelelo umsebenzi onqunyiweyo ayezama uku—ukuwenza, ngoba wayenempendulo evela kuNkulunkulu.

22 Uma umuntu ethola impendulo yakhe evela kuNkulunkulu, ayikho into ezommisa.

23 Iningi labantu namhlanje, njengoba ngizoziphinda mina kusukela izolo ebusuku, ngithi banethemba esikhundleni sokukholwa. Uthola abantu beza emsamo, ba—bakhelwe emathembeni nje.

24 “Kepha ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo; kuyiqiniso.” Akusiyo insumansumane; akusikho ukucabangela. Kuyinto onayo. Usuvele unakho. Futhi ujabule impela nje ngakho, lokho kukholwa onakho, njengoba ubunganjalo ukuba ubunokuqiniseka kusesandleni sakho.

25 Isibonelo nje, njengalokhu, uma ngibulawa yindlala; nolofu wesinkwa ubiza ikota, ezo—ezothenga ulofu wesinkwa. Manje, uma nginekota esandleni sami, ngijabule impela nje njengokungathi bekungulofu wesinkwa, ngoba kuyintengo yokuthenga isinkwa.

26 Futhi uma ngazi enhliziyweni yami ukuthi ngikwemukele, futhi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ungiphe khona, ngijabule impela nje ngalokho kukholwa njengokungathi benginjalo uma ngiphilisiwe, ngoba ngizophiliswa, noma kanjani. Nginokuqiniseka khona manje, akekho ongakususa kimi. Ngiyazi kuqinisele, futhi ngingaba nokuba nesineke ngalokho.

27 Uma uNkulunkulu esho into ezokwenzeka, njengemibono noma okuthize. Ngibone amashumi ezinkulungwane zayo, nabaningi benu bangufakazi, futhi akukho nowodwa wayo owake wehluleka. Futhi uma uNkulunkulu esho noma yini, angi... Ukuba Ubengathi, kulobubusuku, “Hamba uye emangwabeni kazwelonke, ngokuba ngizovusa uGeorge Washington ekuseni,” bencingamema umhlaba wonke ukuba uze uzokubukela, kuzokwenzeka.

28 IZwi likaNkulunkulu lingeke lehluleka. Akakaze ehluleke, futhi Angehluleke. Yinye kuphela into uNkulunkulu angeyenze, futhi lokho ngukwehluleka. Angehluleke. NoNkulunkulu uyiZwi laKhe.

29 Manje, uNowa wayephila onyakeni wesayense ngenkathi babekwazi, mhlampe, ukuciba inyanga ngerada umshini okwazi ukukhombisa izinto ezisithekile. UJesu wathi kwakulwazi olunjengalolu. “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

30 Manje, siyazi, ezansi eGibhithe sibona lezizivivane. Besingeke saphinda siziveze namhlanje. Asinawo amandla okukwenza. Babe nokubamba amandla e atomu, noma—noma olunye uhlobo lwamandla ayakha izivivane. Besingeke sawakhuphulela lapho lawomatshekazi, nhlobo. Kanjalo besingeke siphinde siwaveze lawomakhanda amabhubesi amakhulu anekhanda lomuntu aqoshwe ngamatshe. Ayikho indlela yokukwenza. Asinayo impahla yokwenza

isidumbu esomisiwe ukuze silondolozwe, sigqumise umzimba osuyisidumbu obukeka ngisho njengowemvelo izinkulungwane zeminyaka. Silahlekelwe yilobo bungcweti. Udayi ongeke ushabalale; izinto eziningi ababenazo ngaleyonkathi thina esiphuphuthetheke ngokuphelele ngakho. Futhi bakha lesosivivane esihlelwe kahle sabekwa kahle esenta emhlabeni, akunandaba ukuthi ilanga likuphi, alikho neze ithunzi macala onke kuso, akukho-thunzi esivivaneni. O, ukumiswa kwezakhiwo, a—a—amathuluzi a—ababenawo, kukude ngaleya manje.

³¹ NoNowa waphila kulowo wobuhlakani, unyaka wesayense. UNowa wakwenza. Futhi wayengumprofethi, neNkosi yamtshela ukuthi lalizokuna. Futhi emva kokuba uNowa ezwa iphimbo likaNkulunkulu, engumprofethi kulo iphimbo leNkosi, iZwi leNkosi liza kumprofethi waKhe, futhi wayazi ukuthi lalizokuna; akunandaba ukuthi noma ubani wayetheni, noma ngabe lake lana.

³² Futhi lalingakaze line ngaphambili. UNkulunkulu wayewunisela ngenkasa umhlabathi, izimila, ngo—ngokunisela ngenkasa yeziphethu, kanjalonjalo, emhlabeni. Lalingakaze libekhona ifu esibhakabhakeni, kodwa nokho uNowa wayazi ukuthi kwakuba amanzi evela phezulu. Uzokwenza kanjani na? Akazi, kodwa, wayenokuba nesineke kakhulu, wahamba futhi wakha umkhumbi ngencaiselo eneminingilizo uNkulunkulu ayeyishilo ngaye ukuba awakhe, ngoba wayelizwile iphimbo likaNkulunkulu, futhi wayemi eBukhoneni bukaNkulunkulu ngenkathi iphimbo likaNkulunkulu lalibonakaliswa kuye.

Lokho bekufanele kokhele ngomlilo leliBandla elizelwe ngokusha, ukuba nesineke!

³³ Angikhathali ukuthi bangaki abagxeki abahlekayo ngakho, ukuthi bangaki othi kungeke kwabanjalo, bese kuthi-ke bephumela lapho futhi bakufakazise ngokwesayense, bacibele umshini irada enyangeni futhi bakhombise ukuthi ayikho into okuthiwa amanzi avela ezibhakabhakeni. Kodwa uNowa wayazi ukuthi uma uNkulunkulu, emi eBukhoneni baKhe, futhi UnguNkulunkulu owayekhulume kuye, futhi Wakhonjwa ngokucacile ukuthi kwakuyiZwi likaNkulunkulu, futhi emi eBukhoneni bukaNkulunkulu, waye—wayephikelele. Wayewakha umkhumbi, noma kanjani; futhi akukho—muntu owayefuna ukumsiza, wayezakhela wona. Wayephikelele ngoba wayazi ukuthi kwakuyiZwi likaNkulunkulu, futhi wawakha.

³⁴ Ngingacabanga ngo—ngokuthi kanjani uMose, isifundiswa esikhulu, wayehlakaniphe kakhulu ngangokuthi wayekwazi—wayekwazi ukufundisa ukuhlakanipha kumaGibhithe. Wayekwazi ukufundisa othisha. Wayeyazi yonke i—isayense yezenkolo amaGibhithe ayeyazi, nangomndeni wakhe wamaHeberu. Futhi wayehlakaniphile, indoda enokuhlekisa, enkulu...Siyafundiswa ukuthi wayeyindoda yezempi.

Kodwa wayehluleke isiqothu, ngoba, into eyodwa. Wabulala lomGibhithe, nemfundo yakhe yanqamuka; ngenkathi bemsola ngaleyonkathi, “Uzosibulala nathi njengoba wenza kumGibhithe na?” Ecabanga ukuthi abafowabo babezokuqonda. Futhi we—wehluleka kalusizi.

³⁵ Nalokho kungiletha emcabangweni walokhu. Yingalesosizathu, kulobubusuku, ukuthi izinqubo zethu yehlulekile. Yingalesosizathu ukuthi asisoze sakwazi ukufundisa abantu imfundo kuNkulunkulu. Asisoze sakwazi ukubahlela kuNkulunkulu. Sizame zonke lezinqubo, futhi zonke ziyehluleka, njenge, ziwe njengombhoshongo waseBabele. Futhi ziyokwenza njalo lokho.

³⁶ UNkulunkulu, uNkulunkulu ongaguqukiyo, wenza isinqumo saKhe ensimini yase Edeni, ukuthi Wayezomsindisa kanjani umuntu.

³⁷ Futhi uma uNkulunkulu eke wenza isinqumo, sizofanele sihlale njalo singaleyondlela. Angeguquke. Angethole ukuhlakanipha okuthe xaxa. Ungumthombo wabonke ubuhlakani. Akunandaba ukuthi isayense yethu ithini, uma iphikisana noBuhlakani noma iZwi likaNkulunkulu, iphambene, ayilungile. Angikhathali ukuthi ingafakaziswa kanjani ngokwesayense, isalokhu ingalungile.

³⁸ UNkulunkulu wanquma ukuthi Wayezosindisa umuntu ngeGazi elichithekile Longenacala. Bazame ukwakha amadolobha, bazame ukuwahlanganisa, bazame ukwakha imibhoshongo, babafundisela kuLo, futhi baqhela kakhulu ngasosonke isikhathi. Awusoze wakwazi ukusindisa umuntu aze abuyeke eGazini. Leyo yiyona ndawo kuphela uNkulunkulu ayoze ahlangane ngayo nomuntu. Hhayi ngezihlakaniphi zakhe, hhayi ngokuthi uhlakaniphe kanjani, ukuthi mangaki indoda emenze umpusti, noma umbhishobhi, noma umbonisi wesifundazwe, noma angaba yini, umfundisi, idikoni, lokho akusizo izinkundla uNkulunkulu ahlangana khona nomuntu. Uhlangana naye ezinkundleni uma ephansi kweGazi elichithekile. Leyo yiyona ndawo kuphela uIsrayeli ake aze wakwazi ukuhlanguka noNkulunkulu, ukuba akhonze, kwakuphansi kwegazi elichithekile. Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ayikho enye indlela eyosebenza. Futhi phansi kweGazi elichithekile, uNkulunkulu uhlanguka nomuntu bese ema ebukhoni bomuntu.

³⁹ UMose, lesisihlakaniphi esibalekayo, umprofethi obalekayo, waphumela kwingemuva logwadule, wayeseshada nalona wesifazane wase eThiyopiya omuhle, futhi wayehlala; wayenomntwana, uGereshomi omncane. Futhi ngolunye usuku esahambahamba ogwadule, kwingemuva lomgwadule, ikhehla elineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, lalibukeka sengathi seliphume layothi ngqu ekubeni

lisetshenziswe, njengomfundisi, kodwa wathola isihlahla esasivutha uMlilo futhi asiphelanga. Futhi wabuyela eceleni ukuba abone ukuthi kwakwenzekeni, futhi ungena eBukhoneni bukaNkulunkulu; futhi wezwa uBukhona bukaNkulunkulu, wezwa iphimbo likaNkulunkulu, eseseBukhoneni baKhe, ngenkathi leNsika yoMlilo yayilele kulesisihlahla, ikhuluma kuye. Lapho, wayesaba ngisho nokuhamba asondele eGibhithe, azi ukuthi uFaro wayezothatha impilo yakhe, ayisekho into ezommisa manje.

⁴⁰ Futhi ngezinye izikhathi uma umuntu engena eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi ezwe iphimbo likaNkulunkulu, wenza izinto ngokuba yisidlamlilo kakhulu—kakhulu ekucabangeni kwabantu okwejoyelekile, kuzwakala kuyinsini.

⁴¹ Ngosuku olulandelayo manje. Indoda ebiyesaba ukuthatha impi ukuba ihlasele iGibhithe, zonke izigqila esasikhona eGibhithe, yayeseba ukuhlasele uFaro kanjalo; nansi, ngosuku olulandelayo, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, intshebe ilenga konke kuze kuyofika okhalweni lwayo, ikhanda layo elinempandla licwebezela, induku egwegwile esandleni sayo, umkayo ehlezi phezu komnyuzi nomntwana enqulwini yakhe, behla, namehlo ayo ebheke phezulu, ikhazimulisa uNkulunkulu.

“Uyaphi, Mose na?”

⁴² “Ngehlela eGibhithe, ukuyolidla.” Ukuhlasele kwendoda eyodwa! Ngani na? Wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu. Ubonile ukuthi uNkulunkulu yini angayenza ngenduku. Wayengazi ukuthi Wayengenzani ngempi. Wayazi ukuthi Wayengenzani ngenduku.

⁴³ Angazi ukuthi Angenzani ngehlelo. Ngiyazi ukuthi Angenzani ngendoda eyodwa eyozinikela ngokuphelele kuYe. Akudingayo kuphela, umuntu oyedwa, lowo nguwe. Khona-ke ungonokuba nesineke. Ayikho into ezomisa.

⁴⁴ UMose wayengene eBukhoneni bukaNkulunkulu, wezwa iphimbo laKhe e—esibonakalisweni esiyisimangaliso. Wayazi ukuthi WayenguMlilo oqothulayo, futhi Nangu eseNsikeni yoMlilo emuva esihlahleni. Yonke imfundo yakhe, yonke isayense yakhe yezenkolo, yamshiya. Futhi wayazi into eyodwa: kwakukhona uNkulunkulu, futhi wayenezimiselo zaKhe. Induku egwegwile yayiyinhle ngokwenele. Wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu.

⁴⁵ Akwenzi mehluko ukuthi mangaki indoda eqeqeshiwe iGibhithe ayayinawo. Noma yiziphi zalezizinto azizange zithi shu kuMose. Wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi wayenokuba nesineke. Wehlela ukuyolidla, emelene nezihlangu nendoda eqeqeshiwe, ngamashumi ezinkulungwane, nenduku egwegwile esandleni sakhe. Mmise uma ungakwenza. Ayikho into engammisa. Futhi wakwenza, wehla futhi

walidla ngoba wayenokuba nesineke ngenkathi azi ngokoqobo ukuthi wayekade eseBukhloneni bukaNkulunkulu, futhi wayelizwile iphimbo likaNkulunkulu liphuma eBukhloneni bukaNkulunkulu. Amen. Kwakungesilo iphimbo kuphela, kodwa kwakuyiphimbo langokomBhalo.

Kukhona zonke izinhlobo zamaphimbo. Lihlole ngeZwi.

⁴⁶ Iphimbo lathi, “NginguNkulunkulu kaAbrahama, uIsaka noJakobe. Ngenza isithembiso ukuthi Ngiyoba khululula labo bantu. Isikhathi sesiseduze. Ngikuzwile ukububula kwabo, ngababona abacindezeli babo bebethwesa imithwalo, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi. Futhi Ngehlile ukubakhulula, futhi Ngithuma wena ukuba ukwenze.” Lokho kuhle ngokwenele. Uyibonile iNkazimulo yaKhe, futhi wasuka wahamba.

⁴⁷ UDavide wayenokuba nesineke kakhulu ngenkathi eza neno e—ezimpini zikaIsrayeli, eyayimi enhlonhlweni ngalesosikhathi, nangaphesheya komfudlana omncane nangale kwelinye icala kwakungu—ngumFilisti. Kwakukhona uGoliyathi, umphoseli nselelo omkhulu, cishe ophindwe kabili ngosayizi nokuphakama komuntu ojwayelekile, iminwe engama yintshi ayishumi nane; nomkhonto omkhulu, omude ngamafidi amaningana, owayengama lapho futhi nje acoshe indoda ngawo, *kanjalo*, bese ewaphosa; awabhoboze, awaphakamise ngomkhonto bese ewaphosa, lapho enyuka igquma.

⁴⁸ Futhi uma isitha sazi ukuthi sikuphethe, siyathanda ukuqhosha. Ngakho wathi, “Masingabi nalo igazi elichithwa kakhulu kangaka.” Wathi, “Sawulu, akuthi amanye endoda yakho ize ngapha futhi ilwe nami. Futhi uma ngiyibulala, awu, manje-ke, nisikhonze. Kodwa uma ingibulala, sizonikhonza.” Niyabo, uma isitha sinalokho kukuphatha!

⁴⁹ Futhi lonke ibutho laliqhaqhazela nje kakhulu ngangokuthi kwakulukhuni ukuba li—liphakamise izikhali zalo. Futhi uSawulu, owayenamandla kakhulu kunabobonke, ikhanda namahlombe ngaphezu kwempi yakhe, wayengenasibindi sokumthinta, futhi nokho efanelwe ukuba ngogcotshwe yiNkosi.

⁵⁰ Kodwa nakho kuvela ehlane, omahlombe aqhothile amancane, umfo obukeka ebomvana, owayenendwayimane esandleni sakhe. Nalesosiqhwanga senza ukuqhosha kwaso phambi kwendoda engalungile. Futhi uDavide wathi, “Niqonde ukungitshela ukuthi nizovumela lowomFilisti ongasokile ame lapho futhi eyise izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na? Niqonde ukungitshela ukuthi nizokwenza into enjengaleyo na?”

⁵¹ Manje abafowabo bathi, “Manje ungangile. Buyela emuva phandle lapho ezimvini, lapho ungowakhona.”

⁵² Nezindaba zifika kuSawulu. USawulu wathi, “Lethani umfana lapha, ake ngimbheke.”

⁵³ Futhi ngenkathi ekhuphuka, oqhothile kancane, umfo obukeka ebomvana emi lapho, mhlampe izinwele zehlele emehlweni akhe. Futhi wayesethi, “Awu, wena, ungeke ulwe naleyondoda.” Wathi, “Awulutho kodwa umfo omncane, indoda ebomvana encane—encane, futhi usesebusheni bakho. Futhi yona ibiyibutho kusukela ubusheni bayo.” Wathi, “Ungeke ulwe nayo. Ngiyasazisa isibindi sakho, kodwa i. . . kukhulu kakhulu.”

⁵⁴ Kwenzekani na? Wathi, “Ake ngibone ukuthi ungazisebenzisa yini izikhali zami.” Ngakho wamembathisa izikhali zakhe, umnika isihlangu sakhe.

⁵⁵ Awu, uDavide omncane bandla wayengakwazi ukusukuma. Wa—wa—wathi wa—wayengazi lutho ngakho. Wathola ukuthi ivesta kaSawulu yobufundisi yayingayeneli indoda kaNkulunkulu.

⁵⁶ Ngakho wathi, “Ngiyamthuma futhi ngimnika ukufunda esikoleni, iPh.D., LL.D., kanjalonjalo, futhi ngibone ukuthi angenzani ngakho.”

⁵⁷ Wathi, “Angazi lutho ngalezizinto. Zisuse kimi. A—angazi lutho ngalokhu.”

⁵⁸ “Kodwa nansi into eyodwa engiyaziyo. Ngangeluse izimvu zikababa wami, futhi kungena ingonyama yase ithatha enye yazo. Ngase ngiyilandela, ngoba ubaba wami wayenginike umyalo ukuba ngibheke lezozimvu.” Amen. Futhi noma yimuphi umelusi omuhle wezimvu ungumbheki wezimvu. Wayesethi, “Anginalutho kodwa lendwayimane esandleni sami, kodwa ngayishaya ngayilahla phansi; futhi ngenkathi ingivukela, ngayibulala. Nebhere liyangena lase lithatha eyodwa. Ngalexosha ngase ngiyikhipha emlonyeni walo; futhi ngenkathi livuka, ngalibulala.” Waseyethi, “Uyokwenza kakhulu kangakanani-ke uNkulunkulu kaIsrayeli, uNkulunkulu weZulu, anikele lowomFilisiti ongasokile esandleni sami!”

⁵⁹ Lowomfo omncane wayenokuba nesineke ngoba wayekwazi ayekhuluma ngakho. Wayemazi ayeMkholiwe, futhi wayeqinisekile ukuthi Wayenamandla ukugcina lokho ayekunikele kuYe okumelene nosuku. Manje wayenendwayimane nje, yilokho kuphela ayenakho. Wathi, “Ngizohamba ngilwe nomFilisti.” Ngoba, isizathu sokuba wayenokuba nesineke kanjalo, wayazi ukuthi uma uNkulunkulu, phansi kokunakekela imvu, wayemsizile ukuba akhulule imvu ibuyele kuyise, kakhulu kangakanani-ke umuntu.

⁶⁰ Manje cabangani ngalokho, nonke befundisi. Futhi sizwa ngaleyondlela ngani zimvu, kulobubusuku. Udeveli ufikile futhi wanishaya ngesifo. Kunjalo. Unikhiphile empilweni enhle. A—angina Ph.D. Angina LL.D. Anginayo ngisho nemfundo yasesikoleni yokufundwa nokubhalwa kolimu. Kodwa ngiyakwazi enginakho. Ngiza emva kwenu, kulobubusuku,

ukunibuyisela emadlelweni aluhlaza anomthunzi namanzi athule. Yilokho esikukhonela lapha emsamo, kulobubusuku, ngukuza sinithole, sinihlwithe esandleni sengonyama phandle lapho, sinibuyise. Bekezelani, lalélisisani futhi niqaphele, nizame ukuthola ukuthi sizama ukwenzani, ngukuzama ukunisiza.

⁶¹ Manje, uDavide wayephikelele impela, ngenxa yokuthi wayeMazi ayemkholiwe, futhi wayazi ukuthi wayenamandla ukunikela; ayekunikele kuYe, Wayenamandla okukugcina.

⁶² Sithola ukuthi, uSamsoni, omunye umehluleli omkhulu kwaIsrayeli, nokuthi abanye abantu uSamsoni bamdweba isithombe enjengona—namahlombe athi awabenjengomnyango wendlu yokukhweza izimpahla; manje kwakungebe bikho okuxakile ngalokho, ukubona indoda eyayikwazi ukuqukula amasango aseGaza futhi iphume ahambe nalo, noma ithathe ingonyama futhi iyidwengule. Kodwa, niyazi, uSamsoni wayengomncanyana nje... ngesisho sasemgwaqeni, isigqunswana esincane, omncanyana, okhanda elidala elinezinwele ezisongene, osasitabene, umfana kamama, izinsonge eziyisikhombisa. Kwakuyinto exakile. Ngenkathi, babecabanga ukuthi indoda, indoda enkulukazi engamafidi ayishumi, yayingaqukula ingonyama, impela, futhi iyibulale. Kodwa into exakile kwakungukuthi, lomfo omncane wayebonakala engenalusizo kwaze kwafika uMoya weNkosi phezu kwakhe. Kwakungesuye uSamsoni. KwakunguMoya kweNkosi.

⁶³ Yingalesosizathu ukuthi kwakungesibo abaphostoli. UJesu wabakhetha bonke, ngokwangempela bonke bengenayo ngisho imfundo eyenele ukuba basayine igama labo. Akakhethanga abapristi. Akakhethanga osiyazi bezenkolo. Wakhetha abadobi nabelusi, abangazi lutho nabangafundile, ukuze Akwazi ukuthatha lokho esandleni saKhe, futhi athathe okungelutho bese enza utho ngakho. Leyo yimvelo yaKhe. Ngakho Akathathi izikole eziqeqeshiwe nezifundiswa ezinkulu eziqeqeshiwe, Uthatha into eqondayo ukuthi ayilutho. Ungena kuyo bese enza utho ngayo.

⁶⁴ Sithola ukuthi loSamsoni wayengumNaziri, wayenezinsonge ezincane eziyisikhombisa ezazehlela emhlane wakhe. Futhi ngenkathi uMoya weNkosi ufika phezu kwakhe, akasabanga lutho. Ngani na? Wayephikelele inqobo nje uma wayekwazi ukuzwa lesi sifungo somNaziri sinaye. Inqobo nje uma wayekwazi ukufinyelela ngemuva lapha bese ewezwa lawomagoda, wayazi ukuthi wayesentandweni kaNkulunkulu futhi akukho okwakungambopha. Umuzi wawungeke umbophe. Ingonyama yayingeke imbulale. Wathatha umhlathi womnyuzi, futhi womile, futhi washaya walahla phansi amaFilisti ayinkulungwane, ngawo.

65 Niyazazi lezozigqoko eziyizivikelo, lezozigqoko eziyizivikelo zethusi, ukuthi sasingaphezu kwe intshi ugqinsi na? Niyazi ukuthi kwakungenzekani uma ithambo elomile elidala lasogwadule lalingashaya lokho na? Ngani, lalingasakazeka libe izicucu eziyisigidi. Kodwa wama lapho, ewubambe ngesandla esisodwa, nalomhlathi womnyuzi, futhi eshaya phezulu ekhanda labo, futhi wabulala amaFilisti ayinkulungwane. Ngani na? Wayephikelele. Njalo uma eshaya, wayesizwa lesosifungo somNaziri sihlehla sibuyela phezu kwakhe.

66 Belifanele kangakanani ibandla, kulobubusuku, elizisho ukuthi uzalwa nguMoya kaNkulunkulu! Ume emhlanganweni futhi ubone ukuqinisekiswa kukaJesu Kristu ovukileyo, futhi uzisho ukuthi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi ukwazi ukuhlala uthule futhi uvumele uSathane ahambe ekuphusha njengoba enza na? Kuyinto exakile. Inqobo nje uma ungahle uzwe uBukhona bukaMoya oNgcwele, wazi ukuthi yiZwi laKhe nesithembiso saKhe salolusuku, ubufanele uphikelele ukucindezela ungene kuze kwedule. Ukuba nesineke! Hlala nakho! UNkulunkulu wakwethembisa. Akusuwe. NguNkulunkulu!

67 Kanjani ngentombi encane uMariya. Manje nina besifazane. Manje wayeyintombazane nje ejwayelekile eyayihlala emzini edelelekile ngempela omubi le kuneTopeka. Futhi wayehlala lapho, kodwa wayephila impilo eqondile ehlanzekile, futhi wayethembisene nendoda egama linguJosefa. Futhi ngelinye ilanga wayesendleleni yakhe ebheke emthonjeni, ukukha amanzi, futhi ukuKhanya okukhulu kwabonakala phambi kwakhe. NeNgelosi yama lapho, yayinguGabriyeli, futhi yamtshele ukuthi wayezo—zozala umntwana, engazi ndoda. Futhi ngaso lesosikhathi, kwashiwo ngoElisabethe, umzala wakhe—wakhe owayesemdala ngeminyaka, umka Zakariya, futhi wayekhulelwe osukwini lwakhe oludala.

68 Futhi manje uMariya, ungahle ucabange ukuthi kwakungaba yihlaya kanjani kubantu, ukucabanga ukuthi lentombazane encane, ihamba nalomfana, ingatatazeli, futhi lapha ufinyelela ekubeni ngumama. Kodwa akwenzanga mehluko kuye. Wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu. Wayelizwile iPhimbo likaNkulunkulu. Akakunakanga ukuhleka usulu kwabantu, noma ukuhleka kwabantu, noma ababekusho ngakho. Wayephikelele. Wenyuka wadabula ezweni elinamagquma!

69 Futhi abesifazane khona-ke wayengenjengoba benjalo manje, aphume lapha egqoke izikhindi; futhi ezinsukwini ezithi azibe mbili ngaphambi kokubeletha, phandle emgwaqeni phambi kwendoda. Lokho yihlazo esintwini. Kunjalo.

70 Wazifihla. Futhi uMariya omncane wenyuka ngaphambi kokuba abe ngumama, wayesenyukela emagqumeni aseJudiya

ukuyobona uElisabethe. Futhi uElisabethe esazifihlile, akungabazeki, ngokunye ukusa, ebuka ngekhethini, wabona lelinenekazi eliselincane liza, ligijima, futhi wakuqonda ukuthi kwakungumzala wakhe—wakhe, uMariya. Futhi njengabesifazane ngaleyonkathi, babethanda ukubonana, babazisana kakhulu, waphuma egijima, mhlampe, wayesemgaxa wayesemgona, futhi wayembingelela.

Wayesethi, “Ngiyaqonda ukuthi uzoba ngumama.”

“Yebo.”

Wathi, “Uyazi, ngizoba ngumama, nami.”

“O, wena noJosefa senivele nishadile na?”

“Qhabo, asishadile.”

⁷¹ Futhi wabona ukuthi wayekhombisa ukuba ngumama. Wathi, “Uqonde ukusho, s’thandwa, ukuthi wena noJosefa anikashadi, futhi uzoba ngumama na?”

“Yebo.”

“Lokhu kuzoba kanjani na?”

⁷² “UMoya oNgcwele uzosibekela, uzo...ungisibekele. Iphimbo likaNkulunkulu lasho njalo.” Wayesesho, wathi, “Ngiyazi ukuthi uzoba ngumama, nawe.”

⁷³ Wathi, “Yebo, kodwa sekuvele kuyizinyanga eziyisithupha kimi, futhi ngi—ngikhathazekile ngoba ingane ayikanyakazi nokho.”

⁷⁴ Manje, noma ubani uyazi ukuthi lokho kuphume kwaphela kokujwayelekile; izinyanga ezimbili noma ezintathu, nokuphila kuyezwakala. Kodwa lokhu kwase kube yizinyanga eziyisithupha, kungekho-phawu lokuphila. Manje leyongane yayifile, izinyanga eziyisithupha kungekho-kuphila. Wathi wayekhathazekile ngakho.

⁷⁵ Wathi, “Kodwa uMoya oNgcwele ufike phezu kwami,” uMariya wathi kuElisabethe, “uMoya oNgcwele ufike phezu kwami, futhi ungisibekele; futhi wathi ngizoba nendodana, futhi iyoba yiNdodana kaNkulunkulu, futhi ngiyoyiqamba iGama laYo ngokuthi ‘uJesu.’”

⁷⁶ Futhi kwathi nje leloGama likaNkulunkulu lobuntu, “uJesu,” lingakhulunywa udebe lomuntu ofayo, liphuma esidalweni esingumuntu, ingane efile yaphila esizalweni sowesifazane, futhi yemukela uMoya oNgcwele. Futhi uma lokho kuzokwenza lokho enganeni, ifile esizalweni sikanina, kufanele kwenzeni eBandleni elizelwe ngokusha na? Okokuqala ukuba iGama likaJesu Kristu lake laze likhulunywe udebe lomuntu ofayo, ingane efile ezizalweni zikanina yaphila futhi yemukela uMoya oNgcwele. “Ngehlelewe kanjani unina weNkosi yami na?” kwasho uElisabethe. “Ngokuba kuthe nje ukubingelela kwakho

kungafika ezindlebeni zami, ingane yami yaxhuma esizalweni ngokujabula.”

⁷⁷ Futhi namhlanje sizisho ukuthi sinalowoMoya oNgcwele, futhi ngobugwala naWo, siyesaba ukuphuma. Sifanele sithole ukuphikelela. Uma sinoMoya oNgcwele wangokoqobo ngempela, siyophikelela.

⁷⁸ Manje ngiyagega, ngiyadeda, ngiyadeda endikimbeni yami. Futhi nakhu sekuyisikhathi cishe impela sokuqala umugqa womkhuleko manje, futhi angikafinyeleli ngisho endikimbeni yami. Lokhu kufishane kakhulu.

⁷⁹ Lona wesifazane esikhuluma ngaye, lona wesifazane ongumSirofenike, wayengumGreki, futhi wayezwile ngoJesu. Manje, “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu.” Futhi wayezwile.

⁸⁰ Futhi, ngandlela thize, ukukholwa kuthola umthombo abanye abangawuboni. U—udokotela angahle athi, “Mntwana, ngenze konke ebengingakwenzela khona.” Usesekupheleni kwendlela yakhe. Yilokho kuphela umuntu angakwenza. Uyabona ukuthi into isiqhubekile futhi ayikho into angayenza ngayo. Kodwa, niyabo, ukukholwa kuthola umthombo angazi lutho ngawo. Isayense ngeke ikufakaze, ngoba ukukholwa . . .

⁸¹ Zonke izikhali zikaNkulunkulu zingaphezu kwemvelo. Yini izikhali zikaNkulunkulu na? Uthando, yini uthando na? Ngokwesayense ngifakazisele ukuthi ikhona yini into enjengothando. Lukuphi na? Nina, bangaki othandayo, phakamisa isandla sakho; uthanda umkakho, uthanda umfowenu, uthanda abangani bakho? Awu, ngifuna othize, enye isayense, ukufakazisa kimi ukuthi iyiphi ingxenye yakho ewuthando. Uluthengaphi, iyiphi ikhemisi na? Ngifuna isixheke salo, uthando. Ukujabula, unakho ukujabula na? Ukuthula, ukubekezela, ububele, ukukhuthazela, kuyini na? Konke kungaphezu kwemvelo.

⁸² UNkulunkulu ungaphezu kwemvelo. UNkulunkulu awumfakazisi ngokwesayense. Uyamkholwa uNkulunkulu. Uyakukholwa. Uma ungakukholwa, manje-ke, umuntu othi “yonke into engekho ngokwesayense, ayikho emthethweni, ayilungile,” manje-ke lowo muntu angebe ngumKristu. Uzofanele akholwe. Ngokukholwa sikhulwa uNkulunkulu; hhayi ngemfundo, hhayi ngesayense yezenkolo. “Kodwa nisindiswa ngokukholwa.”

⁸³ Qaphelani, ukukholwa kuthola umthombo abanye abangawuboni. IZwi laKhe liyinkemba, amaHeberu 4:12 asho ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lehlulela ngisho nemicabango, izizindlo zayo esenhliziyweni.” Lelo yiZwi likaNkulunkulu. Nento kuphela engabamba leyonkemba isandla sokukholwa.

⁸⁴ Ayikho enye into engakwenza, ayikho enye into. Uzofanele ubone enye into ethize ngenye indlela, engeyesayense. Wena, ngokwesayense, ngokwemfundo, ungeke wayibamba leyonkamba. Ungeke wakwenza ngokwemfundo; kusonteki kakhulu, kuxake kakhulu; kwenze, kuyokwenza, kuyozama ukuZiphika nayoyonke into. Ungeke wakwenza. UJesu wathi, “Kufihliwe kini,” ngakho khohlwa yikho. Ungeke wakwazi. Kufihliwe. Futhi uma uNkulunkulu efihla noma yini, ifihleke ngempela.

⁸⁵ Yingalesosizathu ufihleke kakhulu, uma ungumKristu. “Ngokuba nifile, nokuphila kwenu kufihliwe kuNkulunkulu, ngoJesu Kristu, futhi nabekwa uphawu nguMoya oNgcwele.” Uzonithola kanjani udeveli na? Angeke akwenze. Nifihliwe. UNkulunkulu uyanifihla. Amen. Indawo yokucasha enje pho, esifubeni sikaJesu Kristu!

⁸⁶ Manje, ukukholwa kuyakubamba, kugadla ngakho. Manje ungahle ungabi ngoqine ngokwenele, leyo ngalo yokukholwa, ukusika imbobo kuze kuyophumela ngale kukho, bese uhamba udabula njengoba abanye bengakwenza. Kodwa qhubeka nje ushaya ngesibhakela, kuzofika. Bamblela kukho nje.

⁸⁷ Wayenezithiyo eziningi, lona wesifazane ongumGrecki omncane, kodwa ukukholwa kwakhe kwakungenazo. Ukukholwa akunasithiyo nhlobo. Akukho okungathiya ukukholwa. Anginandaba ukuthi omunye umuntu uthini, akukho okuthiya ukukholwa. Akesibone abanye bo “ngahle” ababengahle benzeke kuye. Wayengahle . . .

⁸⁸ Omunye umuntu, bangahle ukuba bathi kuye, “UngumGrecki. Ihlelo lakho aliwuxhasi umhlangano waKhe.” Kodwa wayephikelele, noma kanjani. Wayehamba, noma kanjani, ngoba wayezwile. “Nokukholwa kuvela ngokuzwa.” Hhayi ngobambiswano; kodwa ngokuzwa.

⁸⁹ Qaphelani, bangahle ukuba basho lokhu, ukuthi, “UngumGrecki. Awukho ezingeni labo labantu. Wena, kukhona—kukhona i . . . Bayisikhumba esihlukile kuwe. Bayisizwe esehlukile.” Noma kunjalo, lokho akumkhathazanga. Lokho akumkhathazanga.

⁹⁰ Futhi abanye babo bangahle ukuba bafika base bethi, “Manje lowo ngumbhedo. Izinsuku zezimangaliso selwedlula. Ayikho into onjengalokho kuphilisa ozwa ngakho. Ungolunye uhlanya nje oluvukile.” Impela, banazonke izinhlobo zamadola mbumbulu, kodwa kunelangempela, ndawondawo, elenziwe ngalo. Kunjalo. Manje bathi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into enjalo. Leso yisigejane sezinhlanya nje ezansi lapho, nje idlazana elincane labo eli . . . Kade sinalo njalo.”

⁹¹ Kodwa, noma kunjalo, ikhona into eyayishaye lowo wesifazane; wayesalokhu ephikelele. Izinsuku zezimangaliso

zingahle ukuba zase zedlule kulowo owayekhuluma naye; kodwa hhayi kuye. Lungahle ukuba lwase lwedlule kwabanye kwenihambisana nabo, kodwa hhayi kuwe, uma unokukholwa.

⁹² Kungahle ukuba kwakukhona elinye iqembu, mhlawumbe abanye besifazane bama ekhoneni, bethi, “Martha.” Ngiyathemba abekho oMartha lapha. “Martha, uyazi ukuthini? Umyeni wakho uzokushiya, impela nje lapho wehlela kuloyomhlangano. Manje, ngiyazi ukuthi indodakazi yakho inesithuthwana, kodwa ngiyakutshela, sizo... Uma umyeni wakho eke wakubamba wehlela lapho! Ungowamaklabhu amakhulu nemiphakathi yedolobha; uma wehlela lapho, uzokushiya.” Lokho akushongo lutho kuye. Wayehamba, noma kanjani. Ukukholwa kwase kuvele kubambelele. Ukukholwa akwazi sithiyo.

⁹³ Awu, manje-ke, kungahle ukuba kwakukade kukhona elinye iqembu ezansi ekhoneni, elathi, “Uyazi ukuthini? Uzoba yinhlekisa yebandla, ngoba wehlela ubala nje lapho. Nabantu uzokwazi ukuthi uyahamba. Futhi nje uyothi ungakhonjwa nabo, khona-ke uyoba yinhlekisa yabantu. Wonke umuntu uzokuhleka.” Lokho akuzange kuthi shu kuye, lutho nhlobo. Wayephikelele.

⁹⁴ Elinye iqembu kungahle ukuba lathi, “Bazokukhipha ebandleni lakho; bazo kunika ikhadi lakho lobulunga.” Noma kunjalo, wayephikelele. Lokho akumthiyanga nakancu. Ngani na? Wayesevele ekubambile ukukholwa.

⁹⁵ Ngifisa ukuthi ngabe benginesikhathi ukuba ngime lapha amahora amane futhi nje nginitshele nge-ngezehlakalo ngaleyonto efanayo, ukuthi abasifazane nowesilisa nabantwana, ababefa; futhi, ngezitatimende zodokotela, bayaphila, kulobubusuku, ngomusa kaNkulunkulu. Ngoba, into ethize yababamba, ukukholwa! Yilowo umqondo. Kulungile.

⁹⁶ Wayebhobokele kuwo onke lamasango, bonke abagxeki, konke ukuhlekwa, konke ukuthi “umyeni wakho uzokulahla; ikhadi lakho lenhlanganyelo alisekho ebandleni, uzofanele uthole enye into; uzoba yisilahlwa; uzobizwa ngomgingqiki ongcewele.” Lokho akuzange kusho lutho kuye, ngoba wayesevele embonile uNkulunkulu. Wayezwile, nokukholwa kuvela ngokuzwa. Futhi wayazi ukuthi abanye babekade bephilisiwe, indodakazi yakhe ibengephiliswe ngani pho? Nakho lapho okhona, uyedlula.

⁹⁷ Ekugcineni ufika ezinyaweni zikaJesu, futhi qaphelani ukuthi kwethusa kanjani! Abantu abaningi bacabanga ukuthi ngenxa yokuthi nje bangafika lapho, yilokho kuphela okukhona kukho; kodwa usuqalile nje manje. Ngenkathi efika kuJesu, ukudumazeka okunje pho kuye; noma okwakuyoba njalo, mhlawumbe, kithi ngalolusuku. UJesu wathi Wayengathunyelwanga ngisho nasesizweni sakubo.

⁹⁸ Ukuba lokho kwakukade kungabanye benu maPentecostal anamhlanje, ngani, ngabe naphakamisela ikhala lenu emoyeni nase nisuka nihamba, futhi nithi, “Ngabe kuyilokho na? Uma bengangithandi kumaAssemblies, ngizojoyina iOneness. Uma bengangithandi lapho, ngizoya kwi church of God. A—angidingi ukuzihlanganisa nento enjengaleyo.” A, yingalesosizathu izimangaliso singasekho ebandleni. Yingalesosizathu ukukholwa kungasekho ebandleni. Niyabo?

⁹⁹ Ngisho noJesu, uNkulunkulu impela! Kulaleleni. UNkulunkulu impela ayezomkhonza, futhi—futhi aguqule imicabango yakhe, futhi azo—zoMkholwa; ngenkathi efika kuYe, akemukelekanga kahle.

¹⁰⁰ Niyangikhumbula ngikhuluma izolo ebusuku ngezimbhali ezibhasteliwe nezinto na? UbuKristu namhlanje bungumkhiqizo ovele kamuva. Abusibo obasekuqaleni. Ukuba naninombhaphathizo wasekuqaleni njengoba babenawo emuva lapho, lelobandla lesepentecoste beliyoba yi...bekungebe bikho lutho olungalimisa. Beliyoba njengendlu isha esimweni sezulu esomile, nomoya oshisayo uvunguza. Bekungebikho lutho obelungalimisa; liyasha! Kodwa yini namhlanje na? Qhabo, yiqembu elehlukile namhlanje. Umbono wami: lingumkhiqizo ovele kamuva.

Qaphelani, Akamemukeli kahle.

¹⁰¹ Namhlanje sidingeka sibambamathe, “Ngizokwethembisa; uma nje uzoza neno, ngizofaka ikhadi lakho ebhukwini lami ngapha, incwadi yakho, futhi ngi—ngi—ngizobona ukuthi yini engingayenza. Sizozoqana nebhodi yabadikoni, sibone ukuthi singeke yini sakufaka ebhodini yabadikoni noma—noma okuthize.” Yileyondlela abazobenza ngayo namhlanje. Niyabona ukuthi sinesigejane esinjani na?

¹⁰² Kodwa ngisho noma esefika lapho, Wathi, “Angithunyelwanga ngisho nasesizweni sakini. Futhi, ngaphandle kwalokho, abayilutho kodwa isigejane sezinja.”

¹⁰³ O, he, sasiyokwenzani thina na? Wawuyokwenzani wena na? Zibuze lokho, futhi ubeqotho. Omunye anganaki ngokweyisa, ngani, uma ungatholi ngisho nokukhulekelwa, ubusuku bokuqala, uzisholo wena ukuthi ngeke usabuya. Unokukholwake na? Impela. Ya. Manje, khumbulani, leteyipu iya emhlabeni wonke. Angikhombi nje ngomunwe wami lapha; ngikhomba ndawo zonke. Niyabo? Ya, wena, ungeke ubuye. Qhabo. Ungeke wahlala ngisho futhi ulalele umhlangano uze uphele. Uyabo? “Ya, nginokukholwa”? Ya.

¹⁰⁴ Kodwa wabizwa ngenja. Lokho ngokuphansi kunakho konke okungatholwa, noma okwakuyikho kubo ngalolosuku, isilwane esingahlanzekile. Kusobala, namhlanje yisithixo; kodwa lapho owesifazane uyothathainja endadlana bese eyinika ukunakekela kukamama, bese esebenzisa uhlel’umndeni, ngoba

ufuna ukuphuma aye emidansweni namaphathi, futhi aqhubeke kunjalo, futhi akanasikhathi somntanakhe. Uyazi ukuthi ungayisusainja esibiyelweni esincane ndawondawo, ahambe nayo. Kunjalo impela, niyabo. Asebenzise uhlel'umndeni, beseke eya esontweni futhi acule ekhwayeni; agqoke izikhindi, amabhulukwe amasleks, yonke enye into, bese ezibiza ngomKristu; aphungule izinwele zakhe futhi abe esalokhu ethi usenhlanganyelweni noNkulunkulu, kanti iBhayibheli lithi akanjalo. Kunjalo impela. Angikhathali. . . Lalelani.

Wena uthi, "Leyonto encane, ukusho mayelana nani lokho na?"

¹⁰⁵ Ekuqaleni, izwi elilodwa labangela konke ukugula nokufa. UNkulunkulu ofanayo, ekugcineni kweNcwadi, wathi, "Oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele izwi elilodwa kuLo." Ngakho akunandaba ukuthi wenzani, ukuthi uzisho ukuthi ungonobungcwele kangakanani, ukuthi ugxuma phansi phezulu kangakanani futhi ukhale, ukhulume ngezilimi, ugijime phezu kwephansi, kumbe noma yini ofuna ukuyenza, noma uphe abampofu, kumbe noma ngabe uyini; lokho akusikho. Wephule leloZwi; futhi, leloZwi elilodwa elephukile, ungeke wabuyela emuva phakathi! Kunjalo impela, akukho nelilodwa iZwi. Uthatha isivumokholo esikhundleni seZwi, ngoba likufanela kangcono.

¹⁰⁶ Yingalesosizathu abantu bengajoyina isonto, futhi baye kuleli, lelo, noma elinye, bese behlala ngapho, alilutho kodwa liyidlangala. Alisilo ibandla. Uyazalwa eBandleni; ujoyina idlangala. Kodwa uyazalwa eBandleni, iBandla uqobo, hhayi isonto; iBandla uqobo. Linye kuphela iBandla. Futhi u. . .

¹⁰⁷ Sengibe semndenini wakwaBranham iminyaka engamashumi amahlanu nanhlanu, futhi abazange bangicele ukuba ngijoyine umndeni. Ngazalelwa lapho. Kunjalo.

Ya, wamenqaba, wambiza nge "nja," kodwa noma kunjalo wabambelela.

¹⁰⁸ Niyabo, wayenokukholwa. Wadunyazwa yibobonke abangani bakhe, wadunyazwa abantu bakubo, zonke izinhlobo zezinto zizama ukumthiya. Kodwa yonke into iyakuntshinga lokho. Lokho kukhombisa uSathane ezama uku—ukuphushela emuva ukukholwa kwangokoqobo, kodwa ngeke akwenza. Khathal' ukuthi ubani uthini; kuselokhu kulapho. Uphikelele. Ulokhu eqhubeka.

¹⁰⁹ Wafika kuJesu, noJesu wathi, "Angithunyelwe esizweni sakini. Angithunyelwe esontweni lakini. Ababambisani. Anilutho kodwa isigejane sezinja, empeleni." Noma kunjalo waqhubeka! Uthi, "Mina, Ngizela uku—ukuzophilisa laba, abaMi, hhayi ukuba ngizophilisa wena. Akukuhle kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana besa ngisinika nina sigejane sezinja."

Wathi, “Iqiniso lelo, Nkosi.” Amen.

¹¹⁰ Ukukholwa kuyohlala kulivuma njalo iZwi ukuthi liqinisile. Amen. Manje uma ufuna ukubambelela isivumweni kholo, qhubeka; kodwa ukukholwa, ukukholwa kwangoqobo kwangempela, kuyavuma ukuthi iZwi liyiQiniso.

¹¹¹ Wathi, “Qiniso, Nkosi, kodwa izinja zingadla imvuthuluka ephansi kwetafula labantwana.” Lokho kwakuthola. Lokho kwakuthola. Wayengesiso i—isithombo esimiliswa endlini yengilazi. Wayengesiso i—isigejane esibhasteliwe, esithiwa amakholwa, esinaso okusanhlamvu kwalolusuku. Wayenokukhowa kwangokoqobo. Wavuma ukuthi Wayeqinisile. Kodwa wayengafuni ngisho sonke isinkwa abantwana ababengasidla; wayefunisisa imvuthuluka nje.

¹¹² Kuphakathi kokuthi sithola okungcono kunakho konke noma asinakho nhlobo. Sizosuka kuKho, bese-ke sithi, “Sinokukholwa. Abangiphathi kahle, ngizophuma.” Lokho akusikho ukukholwa. Lokho akusikho ukukholwa.

¹¹³ Ukukholwa kulapho. Engizama ukukusho kini, bangani, sizoba nomugqa womkhuleko lapha ngobunye balobubusuku. Futhi angifuni ukubona nolulodwa uhlaka, nesisodwa isihlalo esinamasondo, neyodwa induku yokuqhubeka, noma lutho kodwa lokho okulele lapha kwiphansi lendlu, nabo behamba ngezinyawo bephuma. Niyabo? Ngaphandle uma niza nohlobo olukahle lokusondela, anizukuthola nto. Kunjalo, uhamba uyedlula nje ngqo nomunye ekumpansa ngesandla, futhi eqhubeka ephuma. Lokho, lokho akulungile. Ufanele wazi ukuthi uza . . . “Oza kuNkulunkulu ufanele akholwe.”

¹¹⁴ Bhekisisani, khumbulani, wayengakaze asibone isimangaliso. WayengumGriki. Wazi . . . WayengoweZizwe. Wayengakaze asibone isimangaliso, nokho wayenokukholwa ukuthi yayikhona into enjalo. Futhi unyaka nonyaka, nosuku nosuku, sibona izimangaliso, futhi nje asikwazi ukubambelela ihora noma amabili.

¹¹⁵ Wayefana nesifebe uRahabi. URahabi wayengafuni . . . Lowo wesifazane weZizwe, wayengafuni ukubona ukuthi uJoshuwa wayezigqoke kanjani izingubo zakhe, noma abone uJoshuwa. Wathi, “Ngizwile futhi ngiyakholwa.” Yilokho kuphela. Wezwa futhi wayekholiwe.

¹¹⁶ UJesu wathi, “Ngenxa yalelizwi!” Waba nokusondela okufanele esiphiweni sikaNkulunkulu. Khumbulani, wayengoweZizwe wokuqala ukuba isimangaliso size senziwe kuye, ngenxa yokukholwa kwakhe. Ukukholwa kuyalivuma iZwi ukuthi liqinisile, kuzithobe, ngokufanayo njengoba kwenza namhlanje.

¹¹⁷ UMarta eBukhloneni bukaNkulunkulu. UMarta, udadewabo kaLazaru, wayethobekile eBukhloneni bukaJesu. Futhi wayenokuba nesineke ngenkathi efika lapho. Wathi . . . Wathi,

“Nkosi, uma Ubukhona, nga umnewethu engafanga; kepha nakalokhu, nakuba yini Okucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzakunikha khona.”

¹¹⁸ Wathi, “Mina ngingukuvuka, nokuPhila; okholwa yiMi, nakuba efa, wophila; ophila akholwa yiMi akasoze afa. Uyakukholwa lokhu na?”

¹¹⁹ Khumbulani, wayenelungelo lokuMthethisa. Wayethumele kuYe, kabili, ngenkathi egula; wamyeka afe. Kodwa, niyabo, wayenokukholwa. Wayazi.

¹²⁰ Futhi uma lowo wesifazane waseShunemi, ebudaleni bakhe, ngenkathi ingane yakhe ifa, ukuthi wakholwa ukuthi uNkulunkulu wayekulowomprofethi, uElija, futhi wabambelela ngqo kuElija. Wathi, “Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, nokuphila komphfumulo wakho futhi ongafi neze, angiyikukushiya.” Wayenokuba nesineke. Futhi uElija wayengazi ukuthi uzokwenzenjani. Wangena ekamelweni nje, waya emuva naphambili, kwaze kwathi uMoya kaNkulunkulu, uBukhona bukaNkulunkulu, bafika. Wazilalisa phezu kwengane, yathimula kasikhombisa yase iphila. Ngoba, ukhona owayenesineke, umuntu owayebambe ukukholwa, ukuba afinyelele endodeni kaNkulunkulu.

¹²¹ Futhi wayazi, uma uNkulunkulu wayeku Elija, Wayekakhulu kangakanani pho eNdodaneni yaKhe uQobo. Wayazi. Ukukholwa kuvela ngokuzwa. Futhi eBukhoneni bukaJesu, wayenokuba nesineke.

¹²² UJesu, kwakubukeka sengathi, wazama ukumbuyisela emuva, futhi athi, “Uyovuka,” nakho konke *lokhu*, kanjalonjalo. Kodwa wayenokuba nesineke. Wafuqa wadabula kubobonke abagxeki abathi, “Manje luphi lolohlelo lokuphilisa kukaNkulunkulu owawukhuluma ngalo na? Kukuphi konke lokho na? Umnewenu ufile futhi wembelwa phandle lapho manje. NoMelusi uphume edolobheni wathi nyelele waze wafa, futhi manje-ke uyabuya.” Kodwa lokho akumanga endleleni yakhe. Wafuqa ngqo wadabula kubobonke abagxeki waze wafika kuYe. Wakuthola akucelayo.

¹²³ Manje lapha ngesinye isikhathi esedlule, ngikhumbulile nje, etabernakele...Ngibona abanye babazalwane behlezi lapha abavela etabernakele, kulobubusuku. Kwakukhona inenekazi...Ngangingene endlini yokukhonzela. Futhi sine, cishe njalo ebusuku, ngesinakho phakathi lapha ngumhlango wethu. Futhi ngakho manje-ke sasi...Nga—ngangingakhulekeli abagulayo ngalobobusuku. Futhi kwakukade kukhona owesifazane ofikayo evela eCalifornia, wayenethumba, ithumba qobo lwalo lalisinda amaphawondi angamashumi amahlanu. Futhi ngakho babenaye ngemuva. Futhi ngakho basho ukuthi sasingakhulekeli abagulayo ngalobobusuku; kwakungukwehla nje ukuzokhuluma, ngoba ngivela emhlanganweni nje.

124 Futhi ngenkathi ngiphuma ngomnyango ongemuva, ababili babadikoni babemdonsele ngasendlini, esesihlalweni, futhi bamhlalisa emnyango, futhi phansi ngqo. Futhi ngenkathi ngiphuma, wangibamba ngomlenze webhulukwe ngenkathi ngiphuma. Wathi, “Mfowethu Branham, into kuphela engikucela yona, ngukuba ubeke izandla zakho phezu kwami.” Wathi, “Ithumba lami lizohamba.” Futhi wayethi nje akabe *ngaka*.

125 Cishe emavikini ayisithupha kusukela ngaleyonkathi, wayesemhlanganweni, futhi wathatha odade ukuba bangene futhi bamhlole. Ngaphandle kokuhlinzwa, kwakungekho nachashaza lethumba ndawo. Akunendaba noma ngabe kwakungesibo ubusuku bokukhulekela abagulayo, wayenokuba nesineke. Wakuthola akucelayo. Ukukholwa kwakuyitholile indawo yakho, futhi kwaba nokubambelela.

126 UMikaya. Futhi ngiyavala emzuzwaneni. UMikaya, ebukhoneni babapristi abaqeqeshwe kahle abangamakhulu amane, amaprofethi bamaHeberu nabobonke. Wathi, “Yehla, Mikaya, ubukhishiwe enhlanganweni yabefundisi ezansi lapha; kodwa uma uzokhuluma into efanayo nabayenzayo manje, futhi usho ukuba uAhabi enyuke, no... Ahabi noJohoshafati ukuba benyuke; futhi siyakuqonda lokho, ukuthi bazokubuyisela enhlanganyelweni.”

127 Wathi, “Kuphila kweNkosi, ngizosho kuphela lokho Ekushoyo kimi.” Nkulunkulu, siphe abanye futhi oMikaya! Niyabo?

128 Ngakho, walinda. Ngalobobusuku umbono wafika. Wawuhlola umbono wakhe neZwi. Isizathu, iZwi likaNkulunkulu lalikhushilo lokho, uAhabi, ukuthi izinja ziyoxhapha igazi lakhe, njengoba zenza kuNaboti. Ngakho sithola ukuthi umbono wakhe wawuhambisana ngqo neZwi.

129 Ngakho waba ngonesineke ngenkathi ephuma ngokusa okulandelayo. Wathi, “Yenyuka, kepha ngibone uIsrayeli ehla kaze kile njengezimvu egqumeni, zingenamelusi.”

130 Nalompristi omkhulu, noma ophezu kwabaprofethi, waya ngale, wammukula emlonyeni, futhi wathi, “Wayaphi uMoya kaNkulunkulu ngenkathi Uphuma kimi na?” Noma kunjalo uMikaya akabanga nandaba ukuthi babethini. Wama lapho. Wathi, “Fakani lomfo enkantolo,” kwasho uAhabi, “futhi nimfake ezinkantolo ezingaphakathi, futhi nimuphe isinkwa namanzi okuhlupheka. Ngizobhekana naye uma e... uma sengibuya,” ngamany’amazwi, mnqumeni ikhanda, noma okuthize.

131 Wathi, “Uma ubuya nokubuya, iNkosi ayikhulumanga kimi.” O, wayazi lapho ayemi khona. Kwenza noma yimuphi umehluko ukuthi bonke abanye babecabangani; wayazi ukuthi wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu. Wayelizwile

iphimbo likaNkulunkulu. Lalihambisana ngqo neZwi likaNkulunkulu.

¹³² Kanjalo nathi besifanele sibe njalo, kulobubusuku, ukubona lelihora esiphila kulo, nokubona isithembiso salolusuku, ukuthi iZwi likaNkulunkulu lasethembisa. Akunandaba ukuthi ubani omunye uthini; iZwi lasho njalo, noJesu ufikela ukuzozazisa Yena uqobo. Ukuba nesineke!

¹³³ Impumputhe uJesu afihla . . . noma ayiphilisa; yayingenaku, yayingenakuchaza noma iphikisane nesayense yabo yezenkolo. Kodwa into eyodwa eyayiyazi, yaba nokuba nesineke.

¹³⁴ Uyise nonina babengenakusho. Bathi, “Awu, siyesaba bazosikhipha esinagogeni.” Futhi bathi, “Mbuzeni yena, usekhulile.”

Wathi, “Ubani okuphilisile na?”

Yathi, “Oyedwa, uJesu waseNazaretha.”

¹³⁵ Wathi, “Mnike uNkulunkulu udumo!” Wathi, “Siyazi loMuntu uyisoni.”

¹³⁶ Yathi, “Manje, noma ngabe Uyisoni, noma qha, angazi. Ngeke ngakusho lokho. Kodwa,” wathi, “kunye engikwaziyo, lapho bengiyimpumputhe, manje sengiyabona.”

Bathi, “Asazi lapho evela khona loMuntu.”

¹³⁷ Ithi, “Kuyinto exakile. Nifanele ukuba ngabaholi balolusuku, nazi zonke izinto zikamoya; futhi nangu uMuntu efika futhi wavula amehlo ami, ngenkathi ngangizalwe ngiyimpumputhe, futhi nokho anazi lapho Evela khona na?” O, wayengonokuba nesineke, akukho okuzomkhathaza. Wayekade ekhuluma kuNkulunkulu.

¹³⁸ UNatanayeli wayengenandaba, ukuMbiza ngokuthi, “Mbusi, Nkosi kaIsrayeli,” phambi komelusi wakhe nabo bonke abanye babo, ngenkathi Emtshela ukuthi wayekuphi nga—ngayizolo. UNatanayeli wayengenandaba.

¹³⁹ Owesifazane emthonjeni wayengenandaba ukuthi bangaki abantu abamtshelela ukuthi kwakungekho emthethweni kuye ukuba asho noma yini ngoba wayeyisifebe. Wayedibane noMuntu ayekade emfuna, selokhu kwasukela eseyi—yintombazane encane, azi ukuthi uJesu wayezofika enkundleni, umProfethi. Futhi wayefumene lowomProfethi Ombone emtshela izinto ayezenzile. Ummise? Njengoba ngisho futhi, njengendlu isha kunomoya omkhulu. Wawungeke ukwenze. Inhliziyo yakhe yayivutha amalangabi yinjabulo nokuthula. Wayekade ethethelelwe izono zakhe. Wayembonile uMesiya. Wayebubonile uBukhona baKhe. Wayelibonile iZwi laKhe.

¹⁴⁰ “Siyazi nxa uMesiya efika, Uyakusitshela lezizinto. Kodwa Wena ungubani na? Ufanele ukuba ngumprofethi waKhe.”

Wathi, “NginguYe.”

141 Futhi uma uMuntu wayengenza into enjengaleyo, engeqambe amanga, wazi ukuthi lowo kwakunguMesiya, ngakho izindaba ezinhle zadingeka zisakazwe.

142 Besifanele kanjani ukuba sibe semlilweni ofanayo kulobubusuku, ukuphikelela ukuvumela wonke umuntu azi ukuthi uMoya oNgcwele uyiwo ngempela namhlanje, ukuthi Wehlela phezu kwethu futhi wenza into efanayo Owayenzayo, nezithembiso zalelihora. Asiphikeleli. Angazi noma wasishaya ngempela na? Niyabo, qaphelani owesifazane emthonjeni.

143 Into eyodwa, ngifanele ngivale. Cishe nginohhafu wekhasi lamanothi lapho, kodwa ngifuna ukuvala ngokusho lokhu. Lokhu kuletha indaba kimi. Sizobe-ke sesikhulekela abagulayo. Kuzoba leyithi kancanyana nje, kodwa mhlawumbe eyishumi, imizuzu eyishumi nanhlanu, kodwa ngibekezeleleni kube kude kancanyana nje.

144 NgangiseDolobheni laseMexico cishe eminyakeni emithathu edlule. Bangaki omaziyo uMfowethu Espinoza, nina bantu baseSpain lapha na? Awu, ngiqagele abaningi benu. Wayengutolika wami. Sasisezansi lapho eDolobheni laseMexico. Ngangu, ngokwazi kwabo, lona Protestane kuphela ukuba lize lingene lapho, ngixhaswa nguhulumeni. Kodwa uGeneral Valdivia, niyamkhumbula, ungomunye weChristian Business Men, wayemukele, ekade esindisiwe futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, futhi wayekade edlule kuhulumeni futhi wangingena.

145 Futhi ngakho sathola enye inkundla enkulu phandle lapho. Yahlala abantu abayizinkulungwane eziningana; yayikade ingahlali lutho, babedingeka basukume. Futhi ni—nicabanga ngokuma lapha amahora amabili noma amathathu kulendlu, labobantu babemi kulelolanganga elivuthayo elishisayo lasogwadule, lapho kusukela ngelesishiyagalolunye nqo ekuseni, kwaze kwaba ngelesishiyagalolunye ngalobo busuku, usuku nosuku. Futhi, ngobunye ubusuku, liyidliva imvula, bama lapho; nalabo besifazane baseMexico abasebasha, izinwele zilonga ebusweni babo, futhi lina kanzima ngangingakwazi ukubona ibanga elinguhhafu ngaphesheya kwezethameli. Akwenzanga-mehluko kubo; babebambelele kuleloZwi lokuPhila.

146 Ngiyakhumbula ngobunye ubusuku lapho, ngingena. Ngangilapho kuphela ubusuku obuthathu. Umsamo othi awube mude ngangalona, noma mhlawumbe omudanyana. Kwakukade kukhona indoda eyimpumputhe inqamula emsamo, babeyenyusile.

147 Umfo ofikayo wayesengithola, ngambiza ngo *Mañana*, lokho kuchaza ukuthi “kusasa.” Wayenza kancane kabi! Wayengafiki neze lapho, futhi, awu, wayeqalaza, futhi afike lapho noma ngasiphi isikhathi. Futhi mina ngikhuleka, futhi u...Futhi ngavele nje ngambiza ngo “Mañana.”

148 Ngakho babengenyusele kwingemuva laloludonga olukhulu, ngesikhwelo, base-ke bengehliwela emsamo. UMfowethu Jack Moore, bangaki omaziyo na? Impela, ngiqagele niyamazi; noMfowethu John Sharrit nabaningi babo lapha. Babelapho emsamo. Ngalobo busuku, beza benqamula emsamo. . .

149 UMañana ukhipha amathikithi, a—amakhadi omkhuleko, kodwa uBilly wahambisana ngqo eceleni kwakhe ukubona ukuthi yonke into yayihamba kahle yini. Wayekhuluma kubo bese ebanika amakhadi omkhuleko, kodwa uBilly waya ukuyothola ukuthi ngempela kwakukahle yini noma qha, noma ngabe akhona yini amanye awo ayezowathengisa, noma ukuthi wayezokwenzani, noma akhethe ubuso bomuntu; adedele wonke umuntu owayefuna ikhadi lomkhuleko abe nalo elilodwa.

150 Ngakho manje-ke ngalobo busuku ngenkathi amakhadi omkhuleko lalibizwa, kwakukhona ikhehla eliza linqumula emsamo, lingafake-zicathulo, nemilenze yebhulukwe lalo yonke idabukile, nesigqoko esidala ekhanda lalo, sithandelwe ngentambo. Futhi ngenkathi selisondela kimi, laliyimpumpethe, futhi ngambuka umfo omdala. Futhi ngangimi lapho, njengezingubo ezinhle engizigqokile kulobubusuku, omunye wayengiphe isudu entsha enhle, ngifake izicathulo ezinhle. Nalowomfo omdala ompofu lapho, iyembe elidala elimanikiniki, nothuli konke kuye. Nango wayelapho, eyimpumpethe ngokuphelele, amehlo akhe ethi impela awabe mhlophe enongwengwezi njengeyembe lami. Futhi, futhi ngacabanga, “Into enonya kanje pho uSathane ayenzile!” Umfo omdala ohluphekayo mhlawumpe engakaze abe nokudla okukahle, empilweni yakhe.

151 Ezomnotho zibhalanse ngokungaphilile kabi ezansi lapho. Futhi bona, cabangani nje manje, angithi, uPedro, uPeter, u—ungu—ungumbazi wezitini zamatshe, uthola opeso abangamashumi amathathu ngosuku, kodwa bafanele basebenze izinsuku ezine ukuba azithengele ipheya lezicathulo. Niyabo? Bese kuthi-ke kuthiwani ngoPancho omncane, noma uChico, lo omncane osebenza phandle lapha futhi wenza kuphela cishe opeso abane ngosuku, enabantwanyana abane noma abahlanu ukuba abondle na? Wayehla bese ethenga isinkwa sommbila esidala esinobhontshisi i ameba sakhe, futhi kulobubusuku uMartina angaba naso esisodwa no—noChico omncane angaba naso esisodwa, kodwa ukhona ofanele abenaso esisodwa. . . ongezukuba naso. Bafanele bazibekele okungaka, ukuba bathenge ikhandlela likagrisi ukuba lokhelwe ealtare legolide, benzele izono zabo. Yilokho okungivuthisayo. Ngakho nanilapho.

152 Manje, lomfo omdala wama lapho, futhi wayesho into ethize ngeSipenishi. Futhi wayenenqwaba yobuhlalu obuncane obuthandelwe eminweni yakhe, ngase ngimtshela, “Bususe,” futhi ngoMfowethu Espinoza.

¹⁵³ Ngase ngicabanga, ngacabanga, “Ngizophakamisa amahlombe ami. Ngingalibeka phansi nje ibhantshi lami, bese ngimtshela. Namahlombe akhe libanzi kakhulu kunawami.” Ngakhipha izinyawo zami zaba seceleni kwezakhe, futhi ngacabanga, “Ngingazimonyula ngqo ezicathulweni zami, futhi akekho ozokubona, bese ngimnika izicathulo zami,” kodwa izinyawo zakhe zazibanzi kakhulu. Ngase ngicabanga, “Awu, ngingenzenjani na?” Ngacabanga, “O Nkulunkulu!”

¹⁵⁴ Uma ungabazweli abantu asikho isidingo sokuzama ukubakhonzisa. Ufanele ube nozwelo lwakho. Yingalesosizathu Waba nokuzwelana nobuthakathaka bethu.

¹⁵⁵ Ngavele ngamgaxa, *kanje*, ngase ngithi, “Baba waseZulwini, uma ngabe ubabayi wami usaphila, ube ngabe usethi akabe mdala kangaka. Ungubabayi womunye umpuntu.” Futhi nje ngangimi lapho kanjalo, futhi ngamuzwa empompoloza, “Gloria a Dios!” Lokho ngukuthi “Udumo kuNkulunkulu,” niyazi. Ngaqalaza lapho, nekhehla lase likwazi ukubona kahle njengoba ngangibona, nje lihamba lehla lenyuka nomsamo, nje liqhubeka. Awu, futhi, kusobala, babefanele bathole abangenisi, cishe abangenisi abangamakhulu amathathu noma amane bemi lapho, ukuba babahlalise phansi. Kwase kuthi-ke babefanele bangenyuse bangibuyisele emuva ngentambo.

¹⁵⁶ Ubusuku obulandelayo, ngingena lapho, kwakukhona nje izinqwaba eziphakeme *kangako*, isitaki, konke phansi-naphezulu lapho, samatshali amadala nezigqoko nezinto, babekubeke phezulu lapho ukuba kukhulekelwe phezulu kwakho. Ukuthi bake bazi kanjani ukuthi yini eyayingekabani, angazi, konke kunqwatshelwe phezulu lapho, kulele lapho. Futhi lalina. Ngase ngileyithi. Ngase ngingena lapho, futhi ngaqala nje ukushumayela, “Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo,” noMfowethu Espinoza lapho etolika.

¹⁵⁷ NoBilly uza neno wayesengiqhweba ehlonbe, wathi, “Babayi, kuzofanele kubekhona okwenzayo.” Wathi, “UMañana usevele uwakhiphile onke amakhadi omkhuleko.” Wayesethi, “Kunowesifazane omncane omi laphaya, inenekazi elincane,” wathi, “linengane efile, futhi ife kulokhu ukusa.”

¹⁵⁸ Nilubonile udatshana kwiFull Gospel Business Men. Futhi, khumbulani, lokho kuzofanele kufakazeleke ngaphambi kokuba kushicilelwe. Udokotela uzofanele asayine lesisitatimende, ukuthi kuyiqiniso, uma ukufaka ekushicilelweni.

¹⁵⁹ Wayesethi, “Lingale, linengane efile,” wathi, “ife kulokhu ukusa.” (Futhi kwakuthi akube ligamenxe elesishiyagalolunye, ngaleyonkathi.) Wathi... (Futhi ngalesisikhathi sobusuku.) Wayesethi, “Ife kulokhu ukusa.” (Wayekade emi kuleyomvula nayo usuku lonke, futhi wayengazi ukuthi uEspinoza waye, noma, ngiqonde, uMañana wayenikezela ngalawo makhadi

omkhuleko.) Wayesethi, “Akanalo ikhadi lomkhuleko.” Wayesethi, “Nginabangeni abangashumi amane noma amashumi amahlanu, abakwazi ukumbamba asuke kulowomsamo.” Wathi, “Uyovele achushe phansi kwabo ngqo, abacasule, agibele phezu kwemihlane yabo, kumbe noma yini, lapho, uzama ukukhuphukela lapha.”

¹⁶⁰ Ngase ngithi, “Awu, ngizokutshela.” Ngathi, “Woza lapha, Mfowethu Moore.” Uyazi, nonke, abaningi benu niphakamise izandla zenu, niyamazi uMfowethu Jack Moore. Ngathi, “Mfowethu Moore, akangazi ukuthi ngingubani. Akazi. Bekunabefundisi abaningi abemi lapha, bekhuluma, inqwaba yamaBaptisti nakho konke, bekhawisa umhlangano.” Ngase ngithi, “Manje, wena, yana laphaya futhi ukhulekele ingane, futhi akazukwazi mehluko, uyabo.”

Wathi, “Kulungile, Mfowethu Branham.”

¹⁶¹ Waqala ukusuka emsamo, cishe kude njengodonga laphaya, ngase ngiphenduka. Abantu babengazi, ngoba babengasiqondi isiNgisi. Ngase ngithi, “Manje njengoba bengisho, ukukholwa kuyisub-...” Futhi ngabuka lapha phambi kwami, futhi ngabona encane, enguMexico, ingane enobuso obunsundu ingenamazinyo, ihlezi lapho nje ingisinekela, khona lapha phambi kwami.

¹⁶² Ngathi, “Awume kancane, Mfowethu Moore.” Ngathi, “Tshela inenekazi elincane lize lapha.”

Futhi uBilly wathi, “Babayi, alinalo ikhadi lomkhuleko.”

Ngathi, “Ngibone umbono nje, Billy.”

¹⁶³ Futhi ngakho behlela lapho base belithola inenekazi elincane. Nanti liza, ligijimela phezulu lapho, lase liwa ngamadolo alo, liqala ukumpompoloza “padre,” okusho ukuthi “baba,” niyazi; ngamcela ukuba asukume, ngoMfowethu Espinoza. Ubambe ingane; futhi wayenomncane, onokuhlaza nokumhlophe ublakethe onemishwe phezu kwayo, nje isimanzi te, namanzi econsa, nezinwele zalo zilenga. Owesifazane omncane obukeka ethandeka, mhlawumpe ingane yakhe yokuqala, wayelapha e...eminyakeni engamashumi amabilinambili noma amashumi amabilinanhlanu ubudala, ephethe into encane kanjalo; encane, esigongobele ethi ayibeyinde *kangako*, phansi kwaloblakethe. Ngase ngicabanga.

¹⁶⁴ Bonke babecabanga ukuthi ngangikhuleka nje, ukuba ngiyisuse kimi, niyazi, lisuke ezandleni zabo lapho.

¹⁶⁵ Ngase ngibeka izandla zami phezu kwengane encane, ngasengithi, “Baba waseZulwini, angazi ukuthi—ukuthi yilena yini ingane; kodwa ngibone umbono lapho, emizuzwani embalwa edlule, ngomMexico omncane, obebukeka njengencane, ingane enobuso obunsundu imamatheka.”

Ngase ngithi... Abawutoliki umkhuleko, niyazi. Ngase ngithi, “Ngiyibone imamatheka.” Ngavele nje ngabeka izandla zami phezu kwayo, *kanje*, eGameni likaJesu Kristu, ukuba ngikhuleke, nengane encane yasho yakhahlela futhi yaqala ukukhala kakhulu lapho i...Futhi ngakho yaqala ukudazuluka.

¹⁶⁶ Ngase ngithi, “Mfowethu Espinoza, ungakubhali lokho phansi manje. Thumela isigijimi, naleyongane nalowo wesifazane, futhi uyiyise kudokotela.” Futhi ngalobobusuku, babizela udokotela phandle, udokotela wasayina isitatimende ukuthi ingane yabulawa yinyumoniya, ngalokho kusa esibhedlela sakhe, noma eofisi lakhe, ngelesishiyagalolunye nqo; futhi lapha kwase kulapha kweleshumi nqo ngalobobusuku, kade ifile kusukela ngalokho kusa, futhi iyaphila; futhi iyaphila namhlanje ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

¹⁶⁷ Ngoba ngani na? Wayephekilele nje njengoba lona wesifazane ongumSirofenike omncane wayenjalo lapha, esikhuluma ngaye kulobobusuku. Kukhombisa ukuthi uNkulunkulu uselokhu unguyena izolo, namuhla, naphakade. Into yakho kwakungukuthi, (kwakuyini na?) wayezwile ngalelokhehla eliyimpumpethe.

¹⁶⁸ WayeyiKatolika, ngokukholwa. Bonke bangamaKatolika, ngakho uma uzalwa eMexico uyiKatolika nje ngokuzenzekelayo.

¹⁶⁹ Ngakho manje-ke labobantu lapho babelibonile lelikhehla eliyimpumpethe lisemgwaqeni, likhuluma ngobufakazi balo. Yena, babezwile ngakho. Lona wesifazane wayengakaze asibone isimangaliso. Kodwa wayazi ukuthi uma uNkulunkulu akwazi ukunikeza impumpethe ukubona kwayo, Wayengayivusa ingane yakhe ibuyele ekuphileni, ngoba kwakunguJesu Kristu ofanayo. Wayezothi ngezinye izikhathi enze amaPentecostal azizwe emancane. Futhi kunjalo, ngokukholwa okunjalo, ngoba wayephikelele ukuthi kwakufanele kube nguNkulunkulu owayengabuyisela ukubona. “Futhi uma kwakunguNkulunkulu okwazi ukugcina iZwi laKhe futhi abuyisele ukubona, Wayengavusa abafile.” Futhi Ukwenzile ngoba wayephikelele. Ngangiyobalapho ngobunye ubusuku, futhi angahle...Lobo kwakungubusuku bakhe.

¹⁷⁰ Singeke yini thina, kulobobusuku, bangani, singeke yini saba nokubanesineke. Singeke yini safuzula ematshaneni amnyama ayinkinga lapha futhi semukele uJesu Kristu njengowethu—njengoMphilisi wethu na? Ningeke nakwenza na?

Asikhuleke.

¹⁷¹ Nkosi Jesu, O Nkulunkulu, a—angazi ukuthi yini okunye futhi okungabe kusashiwo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ngingawubiza yini nje umugqa womkhuleko omncane, Baba? Futhi mhlawumbe Wena uzokhombisa abantu lokho,

wenze okuthize njengoba nje Wakwenza ngaphambi kokufa kwaKho—kwaKho nokummelwa; ukuthi lolusuku nesikhathi, mhlawumbe kungabakhona izihambi lapha, esingahle sibone ukuthi Wena uselokhu unguyena izolo, namuhla, naphakade, ugcina iZwi laKho. Futhi mhlawumbe kuzoba khona omunye onokukholwa okwenele ukuba abhoboze lesosithiyo ngaleya, lesosithiyo somsindo, lesosithiyo sesono, lesosithiyo sokungakholwa ngaleya, abhoboze lokho, ayelapho khona zonke izinto zingenzeka. Siphe khona, Nkosi. Siyatshelwa ukuthi uma leyondiza yedlula lesosithiyo somsindo, ayikalelwa ijubane namandla. Nkulunkulu, uma nje besingabhoboza lawomandla okungakholwa, izimangaliso nezinto, nezithembiso zikaNkulunkulu, akukalelwa, “ngokuba konke kuyenzeka kokholwayo.” Siphe khona, Baba. Sikucela eGameni leNdodana yaKho, uJesu Kristu. Amen.

¹⁷² Uma nje ngileyithi kancanyana, kulungile ngiqhubeke futhi nje sibe no, sibize umugqa omcane womkhuleko na? Ngiyazi abantu bayayaluyaluzo, kodwa nje asibize umugqa omncane womkhuleko. Asibone, ngoMsombuluko ebusuku sibe noA, bekunjalo, ngenkathi sinikeza amakhadi omkhuleko na? Noma, qhabo, ngiqonde ngoLwesithathu ebusuku. Ngicabanga ngoMon-... NgoLwesithathu ebusuku bekungubusuku bokuqala, bekungo A, futhi izolo ebusuku bekuzoba ngo B, futhi kulobubusuku kuzoba ngo C. Sibize kusukela kwelokuqala kuya kwelamashumi amabilinanhlano, ko A. Ngicabanga ukuthi lokho bekunjalo, bekungenjalo, elokuqala kuya kwelamashumi amabilinanhlano, ko A? Kunjalo, elokuqala kuya kwelamashumi amabilinanhlano, ku A? Elokuqala kuya kweleshuminanhlano, ku A.

¹⁷³ Awu, asibize oB, amakhadi omkhuleko ayizolo, ke. Asibize uB, amashumi ayisikhombisananhlano kuya ekhulwini. Ikhadi lomkhuleko uB. Sizombamba uC wakho nawo onke. Singu B, amashumi amabilinanhlano... Qhabo. U B, amashumi ayisikhombisananhlano, ngikholwa ukuthi ngishilo, bekungesuye na? U B, amashumi ayisikhombisananhlano kuya ekhulwini. Kulungile. Mabasukume ngakuleli cala manje. U B, amashumi ayisikhombisananhlano kuya ekhulwini, sukumani ngakulelicala. Wozani ngqo ngapha ngakulelicala bese nishaya umugqa lapha, abanye benu bazalwane yehlani. Billy, Roy, abanye benu yehlelani lapho futhi nibone ukuthi abantu bayangena emgqeni womkhuleko. Kulungile.

¹⁷⁴ Ngifuna ninakisise umzuzwana nje. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Manje bukani, abanye abantu bayahamba bese bethi, “Umshumayeli ufaka uhlobo olungafanele lukathayi. Ufaka isudu engalungile. Indlela yakhe yokuziphatha ayilungile. Akami aqonde ngokwenele.” Awu, niyabo, nisolokhu ningenakho ukukholwa. Niyabo?

175 Uma indoda ingena ngalowomnyango emuva lapho futhi yakutshela ukuthi babene. . . ukuthi bona, ibinephepha lemali noma iphepha lasebhange lokukukhiphela imali, lamadola ayisigidi, ubungebenandaba noma ngabe ifundile noma ingafundile, ubungebenandaba noma ngabe ibigqoke iovaloni kumbe noma ibigqoke ijakethe yedina, ubungebenandaba noma ngabe ibimnyama, iphuzu, insundu, imhlophe.

176 Akusiso isithunywa; nguMlayezo ofuna ukuwulalela. “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Bangaki okunakile lokho na? Manje nizovele nje—nje. . .

177 Uma u—uma unjiniyela lapho, ngicabanga ukuthi, uMnu. Ruby, noma ngicabanga ukuthi kwakuyigama lakhe, engahlangana naye ngobunye ubusuku, uma nje ezo. . . Usiphe izibani, kanjalonjalo, lapha, uma nje ezobekezela imizuzu embalwa ngenxa yeVangeli.

178 Manje wonke umuntu makahloniphe ngempela, kodwa abe nokuba nesineke ngempela. Aphushe ngqo angene ngaleya kweveli.

179 Manje ngenkathi uJesu Kristu ephilisa abagulayo. Manje, angisho ukuthi bazophiliswa; angeke nganitshela lokho. Khumbulani, anginamandla okuphilisa. Anginamandla, awunamandla, akekho owethu onawo. Sinegunya. Bangaki okuqondayo lokho na?

180 Bukani lapha, ake nginibuze okuthize. Phandle emgwaqeni lapha, kulomgwaqo omkhulu obhizi ongenayo uvela emgwaqeni omkhulu kakhulu, bekuphandle ngqo e—esangweni elikhulu elithelayo, ngibona umgomo wejubane ungamayela angamashumi ayisishiyagalombili ngehora. Kunezimoto ezizayo zehlele lapho, nomaphi kusukela enjinini enamandla amahhashi angamakhulu amabili, kuya e—e—enjinini enamandla amahhashi angamakhulu amathathu noma amane.

181 Nenombolo yamashumi ayisikhombisanesiphutha, ngicela uze. Badinga inombolo yamashumi ayisikhombisanesithupha. U B, amashumi ayisikhombisanesithupha, kungahle kube ngumuntu oyisithulu. Qalazani. O, ngiyaxolisa. Kulungile. U B, seven- . . . Kunjalo, mfowethu na? U B, amashumi ayisikhombisanesithupha. Kulungile.

182 Manje qaphelani, isibonelo nje, nakhu kuza iphoyisa elincane liphumela lapho emgwaqeni omkhulu, lincane ngangokuthi ikepisi lalo livala izindlebe zalo zibheke phansi, futhi ngeke lisinde cishe ngaphezu kwamaphawondi ayikhulu. Manje mangakanani amandla elinawo ukuba limise enye yalezozimoto na? Futhi lapho ezinye zazo nje zintathu noma zizine ngokulinganisana, ngalolonke nje ijubane zithululeka zehla ngalowo mgwaqo omkhulu, ngenjini enamandla amahhashi angamakhulu amathathu kuleyo ngayinye. Belinegeke lamisa ngisho nenjini enamandla ehashi elilodwa. Futhi nazi

lezizimoto. Kodwa ake kuthi lelobheji elikhulu licwebezele, futhi akeliphakamise lesosandla! Lingahle lingabi nawo amandla, kodwa linegunya. Lalelani amableki eklwklwiza, futhi igijima iyangapha nangapha, futhi wonke umuntu uyama. Ngani? Ngoba linegunya.

¹⁸³ Anginawo amandla. Aninamandla. Kodwa sinegunya, amen, ibheji lokukholwa lilenga eZwini, “NgiyaLikholwa. LiyiQiniso.” Yilokho okumisayo. Khona-ke ungaba ngophikelelayo.

¹⁸⁴ Iphoyisa elincane lima phandle lapho bese lishaya leyompempe encane bese liphakamisa isandla salo, ngizokutshela, yonke into izoma. Yigunya lalo. Yigunya lalo, ukuba likholwe.

¹⁸⁵ Manje kholwani, ngamunye wenu. Manje nina enimi phakathi lapho, manje ningadumazeki, hlalani lapho nje—nje bese nifuzula, nithi, “Nkosi, lomuntu akazi lutho ngami. Nginesiqiniseko salokho. Uma engakhuluma, ukuba angitshele, ngizo—ngizokholwa ngayo yonke inhliziyi yami.” Manje yini ebesingayazi manje na?

¹⁸⁶ Ubani umPhilisi na? UJesu Kristu. Kunjalo na? Awu, manje-ke, uma Elapha ekhona, awu, into kuphela esifanele siyenze ngokuba nje siMcele. “Futhi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Kunjalo na? Kulungile. Manje-ke, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Namhlanje UngumPristi oMkhulu. Kanjani, Wenza kanjani ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyadlula na? Wajika wayesemtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, wayesethi ukukholwa kwakhe kwakumphilisile. Kunjalo na? Awu, Unguyena namhlanje, uzofanele enze ngokufanayo, ngoba Usenguye.

Manje usulungile umugqa wenu womkhuleko na?

¹⁸⁷ Manje nangu owesifazane enyukela lapha. Ngokwazi kwami, a—angikaze ngimbone. Uyisihambi uqobo kimi, ngokwazi kwami. Siyizihambi komunye nomunye. [Udade uthi, “Ngangisemhlanganweni wakho ngo 1947, 1950 kuze kuyoba ngu ’53.”—Umhl.] Uthe wayekade esemihlanganweni yami ngo ’47 nango ’53.” Kodwa...[“’51 kuze kuyoba ngu ’53.”] ’51 kuze kuyoba ngu ’53. Kodwa ukukwazi, angikwazi. [“Qhabo.”] Qhabo.

¹⁸⁸ Uyabo, kufana nje nokuthi uma—uma ngibonane nawe iviki noma amabili kusukela manje, mhlawumbe bengingeke ngisho ngikwazi. Kunenqwaba yabantu ebisemihlanganweni, amashumi ezinkulungwane kusukela ngaleyonkathi, uyabo, futhi bengingeke ngazi. Kodwa engiqonde ukukusho, ngabe mina, “uyangazi yini,” uyangazi ngoba ubusemhlanganweni. Kodwa mina ukuba ngikwazi wena, noma ngazi ukuthi inkathazo yakho iyini, noma ukuthi wenzeni phakathi

kwamanje nangaleyonkathi, noma ngaphambi kwaleyonkathi, noma ukuthi uhlose ukwenzani, kusobala, ngingeke. Qhabo.

¹⁸⁹ Kodwa manje ukuze singahlali isikhathi eside nomuntu ngayedwa, ukuzama uku...Ngobunye ubusuku, nga—ngama ngaphambili. Angibonanga; a—a—angicabanganga ukuthi babekhona abasasele. Ngashiya ababili noma abathathu bemi emgqeni. Ngangifanele ngikwenze lokho. Angikwenzanga nje. Angazi ukuthi kungani. Ngavele nje...Awu, wonke umuntu, kwakubukeka sengathi kwakuwuvuthondaba lwesikhathi. Awufuni ukubatotosa abantu. Ufuna ukuba babe mahdalahadla ngokwenele ukuba bafinyelele phezulu lapho futhi babambelele kulokho okushoyo, niyabo, bese kuthi-ke baphiliswe. Uma ungakwenzi, ngani, ba—abaphiliswa.

¹⁹⁰ Manje lelinenekazi lapha, isikhathi sethu sokuqala ukuba sibonane. Manje uma E “nguyena izolo, namuhla, naphakade,” manje ukuba Ubemi lapha nalesudu Angipha yona, ngomunye umuntu olungileyo ungipha lesudu, manje uma Ubemi lapha egqoke lesudu, Ubengakuphilisa na? Qhabo. Qhabo. Usevele ukwenzile, uyabo, “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu.” Ubekenge akuphilise. Bangaki okwaziyo lokho ukuthi kuyiQiniso na? Sekuvele kwenziwe.

¹⁹¹ Noma yisiphi isoni lapha, Ubengeke akusindisa; Usevele ukwenzile. Ufanele ukwemukele.

¹⁹² Manje uma Ubemi lapha egqoke lesudu, Angipha yona, Ubenga...Into kuphela Abengayenza, bekungaba ukuthi athi...Uma ubungathi, “Ngiyagula. Ngiyadinga. Noma, nginothandiweyo ogulayo,” noma bekuyini, “Ngisenkathazweni ngokwezimali. Ngi—ngisenkathazweni ngokwazasekhaya,” noma ngabe kuyini. Ubengeke, Ubengeke akunike khona. Ubezokutshela ukuthi Wayesevele ekuthengile. Manje bangaki okuqondayo lokho na? Lelo yiqiniso, niyabo, niyabo, ngoba sekuvele kwenziwe. Niyabo? Angeke akwenze... .

¹⁹³ Uma uhlengele kunoma yini, i—isisebenzi esithenga sithengisele abanye ngokubeka isibambiso singeke sisakubamba, uma uhlengele. Uma unerisidi, ukuthi kuhlengele, lokho kuyakuxazulula. Singeke sisakubamba.

¹⁹⁴ Sinayo iRisidi, niyabo; manje uma unokukholwa ukuba ukukheshe! Niyabo? Kodwa manje uma Ubemi lapha, nami ngisekela wonke umkhankaso wami phezu kwakho, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade,” Ubezokwazi ukuthi ibiyini inkathazo yakho. Nalokho ngempela bekuzo...Mina ngingakwazi khona, impela bekuzokuhomba bekuzoba nguYe. Bekuzoba ngamandla athize, amandla athize. Kuya ngokuthi ucabanga ukuthi amandla azoba yini. Isizathu, uyazi ukuthi angikwazi, ngokukhuluma ngokobuntu. Futhi bekuzofanele kube ngamandla athize. Futhi uma ukukholwa lokho ukuthi nguYe...Futhi uma ungakukholwanga ukuthi nguYe, kusobala,

ubungafanele ume lapha. Futhi, kodwa, uma ukukholwa ukuthi nguYe, manje-ke uma Ubengakutshela ukuthi wenzeni, noma ukuthi uze ngani lapha, noma—noma into ethize, lokho bekungandisa ukukholwa kwakho, bekungeke na?

¹⁹⁵ Bekungakwandisa okwenu laphaya na? Lapho, nasi isandla sami; ngokwazi kwami, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, kuphela nje abanye ezethamelini, noma—noma mhlawumbe ubesemgqeni womkhuleko, noma into efana naleyo, iminyaka neminyaka eyedlulayo. Noma yikuphi ukukhumbula kwakhe; qhabo. Kodwa kwangathi iNkosi ingangisiza manje. Njengesiphiwo. . .

¹⁹⁶ Niyabo, njengalababefundisi lapha. Senivele niyazi, uma ningizwile ngishumayela, a—angisuye umshumayeli. Anginamfundo. Bengingeke ngazibiza ngomshumayeli, kodwa kunendoda lapha ekwazi kakhulu ukwenza lokho kunami.

¹⁹⁷ Kodwa isiphiwo sami sivela kuNkulunkulu, ngoba ngiyaMthanda. Na—nalokhu ngiyakukholwa, “iziphiwo nokubiza kungaphandle kokuphenduka.” Zimiselwe ngaphambili nguNkulunkulu. Zingezesizukulwane ngasinye. Nengxenywe yami kulokhu ibikuleloZwi, Lona ukuba liphile futhi, liba yiZwi ukwehlukana ngokubona okufihlakele nokwazi. Lokho okwesiprofetho, okuthenjiswa ngokukaMalaki 4, ukuba kube kulolusuku, kusenza ngokuphelele ngosuku lokugcina.

¹⁹⁸ Manje uma iNkosi uJesu ingitshela ukuthi ikuphi inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma incek uyaKhe na? Kwangathi Angakupha. Uphethwe yi—yisimo sesikhumba. Kukhona okungalungile ngesikhumba sakho. Kunjalo. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Manje uma lokho kuqinisele, phakamisa isandla sakho. Uyabo? Ngakho. . .

¹⁹⁹ Manje ngiyakuzwa lokho kuvela phandle lapho, omunye uthe, “Ukuqagelile lokho.” Manje awulinde kancane nje. Angikuqagelanga lokho, nenekazi. Abanye, niyabo, ba. . . Ungeke uwufihle umcabango manje, uyabo, ngoba Ulapha manje. Futhi ngithatha yonke imimoya phakathi lapha ibe ngaphansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu, niyabo, ngenkazimulo kaNkulunkulu. Angikuqagelanga lokho.

²⁰⁰ Leso yisimo semizwa. Unesimo semizwa ukuthi u. . . esikuhluphayo. Ukhulekela othandekayo. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Lowo ngowesifazane. [“Yebo.”] Lowo ngumalokazana wakwakho. [“Yebo.”] Futhi uphethwe yisithuthwane. [“Yebo.”] Kunjalo.

Manje angikuqagelanga lokho. Kulungile.

²⁰¹ Kukholwe nje! [Udade uthi, “Ngabe usesindisiwe na?”—Umhl.] Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke; futhi njengoba ukholiwe, ngakho makube kanjalo kuwe.

Ngiyakukholwa. ["Usesindisiwe?"] Ngi—ngizokukholwa. Uma uzokukholwa, kuzoba njalo.

²⁰² Niyabo, angeke ngakusindisa ngokukholwa kwami, kuzofanele kusindiswe ngokukholwa kwakhe. Niyabo? Niyabo? Qondani.

²⁰³ Unjani na? Ngilahlekelwe umama wami nje, cisha iminyaka emibili edlule. Futhi uma ngikubona wenyuka kanjalo, kuletha inkumbulo. Bengingeke yini ngibe umuntu osabekayo ngimi lapha, ngimele uJesu Kristu, futhi ngibe umkhohlisi na? Lokho bekuzoba ngokwesabekayo kimi ukwenza i—into enjengalokho. Kodwa a—angisuye umkhohlisi. Ngiyinceku yaKhe. Futhi uma uNkulunkulu ezongivumela, ngomusa waKhe, ngazi okuthize ngawe, awu, uzokukholwa lokho ukuthi kuvela kuNkulunkulu na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.]

²⁰⁴ Manje ukuthi abantu bazoqonda. Bukani lapha, niyabo. Lokho kwahlukaniswa okukodwa bekungaphezu ukuba bengishumayele kwaze kwabaphakathi nobusuku. UJesu wathi, "Ngiyezwa ukuthi amandla aphumile." Uma lokho kwakuyilokho eNdodaneni kaNkulunkulu, bekuyoba kangakanani kimi isoni na? Niyabo? UDaniyeli wabona umbono owodwa, wakhathazeka ekhanda lakhe izinsuku eziningi. Bangaki okwaziyo lakho na? Impela. Niyabo? Aniwuqondi umusa uNkulunkulu asipha wona.

²⁰⁵ Manje, inenekazi liphethwe yisimo sesisu. Kusesiswini sakho. Ngiyakubona uwa etafuleni. Futhi kubangelwa kusuka e—esimweni semizwa esibangela ukuba isisu sibenjalo, okwenza ukudla kungagayeki. Kuyisilonda emgudwini wokudla, empeleni okuyikho, esiswini. Futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisela lokho na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Uyakwemukela njengokuphilisiwe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokususa kuwe. UNkulunkulu akubusise. Hamba, futhi kwangathi iNkosi uNkulunkulu angakupha khona.

Hloniphani ngokuzithoba ngempela.

²⁰⁶ Unjani na? Siyizihambi omunye komunye, ngiyethemba. Ukuhlangana kwethu ngempela kokuqala, kunjalo na? [Udade uthi, "Kade ngisemihlanganweni."—Umhl.] Kade usemihlanganweni. Kodwa mina ukwazi wena, angikwazi.

²⁰⁷ [UMfowethu Branham uthi ukuthula, futhi manje-ke uphendukela ezethamelini—Umhl.] Ubuzicelela. Uma uzokholwa, lesosifo samathambo sizokuyeka. Yebo. Ubehlezi lapho, ekhothamise ikhanda lakhe, ekhuleka. Sizokuyeka, uma uzokukholwa. Umyeni wakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela na? Ubujabule kakhulu ukwazi ukuthi yena owesifazane ubezosinda kulokho.

Unenkathazo yendlala engasesinyeni ekuhluphayo. Phakamisa isandla sakho.

²⁰⁸ Angikaze ngibabone, empilweni yami. Ngitshele ukuthi bathinteni. Manje buza nje lowombuzo. Bathinteni na? Abazange bangithinte mina; baqhele ngamamayela angamashumi amathathu kimi. Kodwa bathinte lowomPristi oMkhulu.

²⁰⁹ Uma ngiyisihambi kini bantu, vayizelisa isandla *kanje*. Nina—nina—nina bantu ababili abahlezi lapha, uma ngi. . . Nje vayizelisa isandla sakho *kanje*, uma ngiyisihambi kuwe. Niyabo? Niyabo? Benihlezi nje lapho. Nenenekazi belikhuleka, niyabo; futhi Yena, emi lapha, uphenduka njengoba Enza eBhayibhelini. Hhayi—hhayi mina ngiphenduka; Yena engiphendula.

²¹⁰ Bukani, angizazi lezozinto. Kufana nje nalemikrofoni, iyisimungulu ngokuphelele uma kungekho okukhuluma ngayo. Kodwa ningangizwa ngalemikrofoni, (kunjalo na?) kodwa imikrofoni angeke ikhulume, yona uqobo. Ayinaphimbo. Angibazi labobantu. Aniqondi ukuthi kuseBukhoni bukaNkulunkulu, osebenzisa lokho, ukunikhombisa uBukhona baKhe na? Cindezelani nedlule ngqo!

²¹¹ Manje thina siyizihambi komunye nomunye, umncane kunami. Mhlawumpe sazalwa ngokuqhelelana kweminyaka nangokuqhelelana ngamamayela, futhi lapha siyahlangana okokuqala. Manje ngenkathi Kuhambe lapho, ngingahamba kuphela; KunguKhanya, ngiyaKubhekisisa, niyabo. UMoya oNgewele ungukuKhanya, siyakwazi lokho. Kodwa uma iNkosi uJesu ezongisiza ukwazi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, futhi wazi ukuthi akusimina, ukuthi nguYe na?

²¹² Ngiyinceku yaKhe nje, njengaleyomikrofoni. Manje, lokhu, lelideski lapha liyingxenye yefenisha yendlu, kodwa alenzelwanga ukukhuluma; libamba iBhayibheli lami. Imakhrofoni ayisoze yabamba iBhayibheli lami; ithwala iphimbo lami. Awu, kukhona iziphiwo ezehlukene ebandleni; okunye yiphimbo laKhe, okunye umbono, okunye ezinye izinto abazenzayo. Kodwa ngingombono nje, njengenceku yaKhe.

²¹³ Manje uma uNkulunkulu ezongivumela ukwazi ukuthi iyini inkathazo yakho, ukuthi yini oyikhonela lapha, uzongikholwa, futhi ukholwe ukuthi yiZwi likaNkulunkulu. Uphethwe yisifo esithelelanayo. Isifo esithelelanayo sisesikhunjani. [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.]

²¹⁴ Niyakubona lokho na? Uyazi ukuthi kuyiqiniso noma akusilo. Niyabo? Manje, uma ubungakhuluma okuningi kuye, okuningi bekungashiwo. Ungumuntu omuhle kabi.

²¹⁵ Kambe, awubuke lapha umzuzu nje; khona-ke bonke abanye babo, uma uzofanele uba lethe ngokushesha kancanyana. Ake sikhulume imizuzu embalwa, kungukuthi ungumuntu

okahle kakhulu. Manje uyazi ukuthi okuthize kwenzekile kuwe. Manje phakathi kwakho nami kukhona ukuKhanya. Sewake wasibona isithombe saKho na? Kumile phakathi kwami nawe ngqo. Ngiyakubuka, ngalokho kuKhanya. Uyabo? Futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Watshela uSimoni ukuthi wayengubani.

216 Bangaki okukholwayo lokho manje na? Nakhu lapha esikhona nezandla zethu ziphakame, siyizihambi uqobo.

217 Bakubiza ngo “Florence,” futhi isibongo sakho ngu McAllister. [Udade uthi, “Kunjalo. Kunjalo.”—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi uvelaphi na? [“Yebo.”] Awuveli lapha. [“Qhobo.”] Uvela endaweni ebizwa nge Lawrence, eKansas. [“Kunjalo.”] Kunjalo. Manje buyela emuva, uJesu Kristu uyakuphilisa. E-hhe.

218 Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Niyabo? Niyabona ukuthini na? Manje ngiyacela hloniphani ngokuzithoba. Ninganyakazi. Niyabo, ninganyakazi.

219 UNkulunkulu uyasiphilisa isifo sikashukela. Niyakukholwa lokho na? Uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa na? Nje qhubekela phambili, futhi uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.” Futhi kukholwe ngenhliziyo yakho yonke, futhi uzophiliswa.

220 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa leyonkathazo yabesifazane onayo na? Khona-ke qhubeka nje, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi. Ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke.”

221 Kulungile, inenekazi alize. Unenkathazo yamanenekazi, futhi unesifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Yiba ulokhu uhamba nje, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi,” futhi kukholwe ngenhliziyo yakho yonke manje.

222 Woza. Isimo sokwethuka sibangela inkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi ubungakudla ukudla kwakho kwakusihlwa manje na? Hamba, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.” Yidla ukudla kwakho kwakusihlwa futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho.

223 UNkulunkulu uyayiphilisa inkathazo yenhliziyi. Uyakholwa ukuthi Uzoyiphilisa inkathazo yakho yenhliziyi na? Kulungile. Hamba, ukukholwa, futhi Uzokwenza, uyabo, uma ukholwa.

224 Ukuba ke bengingashongo lutho kuwe, ukukhombisa nje ukukholwa engikholwa ukuthi unakho, ngibeke nje izandla phezu kwakho, uyakholwa ukuthi ubuzophila na? Woza wedlule. Usuvele uphilisiwe ngenkathi usukuma lapho, nalokho. Yiqiniso empeleni.

225 Woza. Kusobala, wonke umuntu uyabona ukuthi lona wesifazane uyaqhuga, lokho obekukade kuyimpilo yakhe yonke.

Kodwa enye into onayo, inkathazo yesisu esikuhluphayo, ukuthi ufuna . . . Yiba ulokhu nje uhamba, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.” Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, futhi uhambe, futhi ukukholwe.

²²⁶ Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphilisa lesosifo samathambo, futhi akusindise, futhi uye ekhaya na? Hamba, ukukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

²²⁷ Bangaki phandle lapho okholwayo, nonke na? Lapha kuhlezi indoda ihlezi khona lapha engibuka lapha. Awukuboni lokho kuKhanya kulenga kulendoda khona lapha na?

²²⁸ Ngempela, akhathazeka ngakho, kumayelana nenkinga yesisindo esiphezulu. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma lokho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Umkakho ehlezi eduze kwakho lapho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakhe na? Uyakholwa na? Uzokholwa, nenekazi na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Lokho kuphuphuthekisa abantu uma uthi “umprofethi.” Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Ibhiphi. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho manje, futhi kuzokuyeka, ngoba uyakholwa.

²²⁹ Lomfana oyikhaladi ohlezi othe qekelele lapha ekugcineni kwesihlalo, ebhekisisa ngokujulile, ucabangani ngalokhu, mnumzane na? Uyakholwa ukuthi kungokukaNkulunkulu, wena ohlezi lapho na? Kade ungibuka ngobuqotho kakhulu. Angikwazi. Uyisihambi kimi. Kodwa uphethwe inkathazo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi kuyini na? Uyakholwa na? Isimo esigulisanayo. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Into eyodwa enkulu ngawe, yilokhu, enye yezinkathazo zakho enkulu kunazo zonke ukuthi uhlubukile. Ufuna ngempela ukubuyela kuNkulunkulu. Uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho, khona-ke woza lapha. [Umfowethu uyasukuma futhi uza ngaphambili—Umhl.] Izone zakho uyathethelelwa zona, mfowethu.

²³⁰ Wena uthi, “Ukwazi kanjani lokho na?” Lowo Ofanayo ongitshele ukuthi yini ebingalungile ngaye.

²³¹ Bangaki ophakathi lapha ofuna izono zenu zithethelelwe na? Ningama yini ngezinyawo zenu na? Nifuna izono zenu zithethelelwe na? Ngifuna nje ukubona uma niqotho ngokwenele ukukwenza. Ngiyabonga. Angazi noma ningaphumela lapha futhi nime lapha nalendoda ethethelelwe nje, nithi, “Ngifuna izono zami zithethelelwe. Ngiqotho ngakho”? Ungeke u . . .

²³² Wozani, kunabangingi kunalokho lapha. Manje, uma ukwahlukanisa kwahlukanisa ukugula nezifo, kwahlukanisa isono. Niyakwazi lokho. Bengiyokwazi kanjani ukuthi lendoda ibiyisoni na? Yilokho-ke, phumani ngqo futhi nehlele ngqo

ezansi. Nje si...Nizokwenza, umzuzwana nje? Wozani lapha futhi nime umzuzwana nje, nithi, “Ngifuna ukuthethelelwa, mfowethu. Ngifuna uNkulunkulu angithethelele ukungalungi kwami. Nginyaqonda ukuthi ngiseBukhloneni baKhe. Anginandaba ukuthi omakhelwane bami bacabangani. Ngi—ngiyeza noma kanjani. Ngingonesineke. Ngifuna ukusindiswa, kulobubusuku. Ngiyamkholwa uNkulunkulu. Ngifuna ukuza khona manje futhi ngibe nezono zami zonke zisusiwe.”

²³³ Kulungile ukubiza abefundisi na? Bangaki abefundisi abaphakathi lapha, okholwayo ukuthi lababantu unelungelo ukuba basindiswe ngomusa kaNkulunkulu na? Ngifuna wonke umfundisi okukholwayo, woza ume ngokuzungeza lapha kanye nabo manje sisakhuleka, wonke umfundisi okhathalele imiphefumulo elahlekile. Angicabanganga ukuthi bengizokwenza lokhu, kodwa ngazi kangcono kunokungalilaleli iPhimbo laKhe. Ungitshele ukuba ngenze lokhu. Kungahle kube yisikhathi sabo sokugcina, angazi.

²³⁴ Bangaki owaziyo ukuthi yilokhu Akwenza ngenkathi Elapha emhlabeni na? Khona-ke kubophezelekile ukuba kube nguYe futhi. Akunakwenza ukuba umuntu, noma yisiphi isidalwa esingumuntu, ukwenza into enjalo. SiseBukhloneni baKhe. Futhi lapha siyaMbona, kulobubusuku, enza... “Uma Ngiphakanyiswa, Ngiyodonsela wonke umuntu kiMi.” Niyabo? SiyaMbona lapha enza into efanayo Ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Ngeke saba nokubanesineke manje na? Cindezelani ngqo ningene. Yini esibangele ukuba size lapha na? Yini ebangele konke lokhu, empeleni na? NguNkulunkulu. Anikukholwa lokho na?

²³⁵ Ngifuna ngamunye wenu bafowethu abangabefundisi ukuba niye phambili bese nibeka izandla zenu phezu komunye walabo bantu abavumayo lapho.

²³⁶ Manje, mfowethu othandekayo, dade, wena ovumayo ealtare, yini ekwenze uze na? Awuzanga ngamandla akho uqobo. Uza ngenxa yokuthi ikhona into ekubonisile ukuthi ubunephutha. Ufuna ukuthethelelwa. Ngenkathi ubone lowo mfana oyikhaladi ozihluphekelayo, lowomfana ongumTopiya emi lapho, esukile kuNkulunkulu, noMoya oNgcwele wembula ukuthi Wayeyisoni. Lowo Moya oNgcwele ofanayo azange nje ukubize ngokusuka ezindebeni zami, kodwa Ukubizile, futhi nakhu ulapha, kulobubusuku, umi ngendlela efanayo lowomfana ayemi ngayo. Vuma izono zakho manje phambi kukaNkulunkulu. Mkholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi Uzothethela zonke izono ozenzile, futhi akubuyisele kulobubusuku ezinkundleni zokuvuma kwakho nenhlanganyelo. Uzokwenza uma nje uzoMkholwa.

²³⁷ Manje asikhothamise amakhanda ethu, ndawo zonke kuyizethameli, futhi wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba

ngempela. Manje asikhuleke. Ngamunye wenu vumani izono zenu. Ulapha. UMoya oNgcwele ulapha. Yilokho okubizayo. Manje kholwa nje ngayoyonke inhliziyo yakho, vuma ukuthi unephutha, Mcele ukuba akuthethelele. Futhi ngamunye wenu bafowethu khulekani nalababantu.

²³⁸ Baba waseZulwini, siza manje ngeGama leNkosi uJesu, siKubonga ngomusa waKho omkhulu namandla ngakithi, Nkosi. Ukuthi thina, esingafanele, phansi le lapha osekuleyithi, ukuvalwa kwesikhathi. Sicela ukuthi isihawu saKho selulwe, Nkosi, kwehle njalo, kuqhubeke kuze kungeniswe umphefumulo wokugcina. Kulobubusuku, ngenxa yokubonakala kwaKho phambi kwethu, kwenze abantu bafuzole baye ngaphambili le kwazo zonke izinto, ukuba benyukele lapha, ukuba bakholwe ukuthi leli yihora lokuthi bazothethelelwa izono zabo, nokuthi bazokhululeka, kusukela kulobubusuku kuqhubeke. Siphe khona, Baba waseZulwini. Kwangathi zonke izono zingedlula kubo.

²³⁹ Wena wathi, “Oyoza kiMi Angisoze ngamlahlela ngaphandle. Noma izono zenu zibomvu kakhulu, nokho ziyakuba mhlophe njengoboya bezimvu; zibomvu njengokububende, ziyakuba mhlophe njengeqhwa.” Sibhukuda ngaphansi kwethantala leGazi likaJesu Kristu. Ngokukholwa sithatha lababantu, bevuma, kuloboBukhona bukaNkulunkulu, eGazini leNdodana kaNkulunkulu, futhi ngibacelela intethelelo. Sicela lesisicelo eGameni likaJesu. Thethelela zonke izono futhi ubafake ekunakekeleni kwaKho, Baba. Njengoba bevuma, babuyise phezu kwezisekelo zesithembiso saKho. Wena wathi Uyukwenza, futhi ngiyazi Uzokwenza. BangabaKho, Baba. Sibanikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu.

²⁴⁰ Ngamunye wenu omi ezungeze ialtare manje, ovume ngokweqiniso ukuthi unephutha; naseBukhoneni bukaNkulunkulu, niyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, futhi niyakholwa ukuthi nginitshela iQiniso phezu kwalokhu, futhi niyakholwa ukuthi izono zenu azisekho; futhi nani manje, ngokukholwa, nibhoboza leyoveyili, ningene eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi nithi, “Nkosi, ngiyaKukholwa khona manje, futhi ngiyaKwemukela”? Phakamisani izandla zenu, bese nithi, “Ngiyakwenza.” Ngamunye ozungeze ialtare, phakamisani izandla zenu bese nithi, “Ngiyakwenza. Manje ngiyakukholwa.” UNkulunkulu akubusise. Amen. Yileyondlela yokukwenza. Yilokho-ke. Ngokukholwa nje, libhobozeni lelo veyili.

²⁴¹ Manje nisesezinkundleni ezifanayo enimi kuzo, ukuthi nithethelelwe, manje, bafowethu, phindani bekani izandla zenu phezu kwabo futhi nenzele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Khona lapho omi khona ngqo, bekani izandla zenu phezu kwabo ngqo manje, futhi nikhulekele ukuthi bemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, umi khona lapha.

²⁴² Nkosi Jesu, thumela amandla aKho phezulu kwabo, njengokuvunguza komoya onamandla. Thumela enye impinda yePhentekoste; futhi ugcalise abantu, hhayi indlu, abantu, ngoMlilo kaMoya oNgcwele, nentethelelo, nokubonakaliswa kwamandla, ngeGama likaJesu. Amen.



UKUBA NESINEKE ZUL64-0619
(Perseverant)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa ngo Juni 19, 1964, eMunicipal Auditorium eTopeka, eKansas, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org